# *Banumzane, Sithanda Ukubona UJesu*

Ngiyabonga kakhulu. INkosi inibusise.

2 Sanibona kusihlwa. Futhi kuyinhlanhla ukuba lapha, kulobubusuku, eDawson Creek futhi. Eminyakeni ethile eyisishiyagalolunye eyedlule, ngaba nendawo yokuhweba, ithuba elihle kakhulu ngaphambilini, ngangiphezulu lapha eholidini elincane futhi ngashumayela ngapheseya komgwaqo lapha ndawondawo, ngijikisiwe ngokuphelele, idolobha selikhule kakhulu selokhu ngagcina ukuba lapha kuMfowethu Hunter, ngambambela inkonzo.

3 Khona-ke nganquma ukuthi uma iNkosi izonginika elinye iholide, ngani, ngangiza ngalendlela futhi, ngakho bengifuna ukwenza ukuhlonipha eNkosini yethu futhi—futhi ngibe nenhlanganyelo ethize nabafowethu nodadewethu bokholo oluyigugu olufanayo. Ngakho-ke nginikiwe ukuthi ngingama ubusuku obuthathu nalendawo encane enhle lapha ebizwa ngeDawson Creek.

4 Futhi ngijabula kakhulu ukuthi ngingabika ukuthi sama ubusuku obuthathu e, idolobha elingumakhelwane wenu, iGrande Prairie, neNkosi yethu yasibusisa kakhulu lapho, futhi sibonga kakhulu ngalokho. Futhi siyakholwa ukuthi Izokwenza into efanayo nje lapha, ngoba UnguNkulunkulu ofanayo nje phezulu *lapha* njengoba Enjalo ezansi *lapho*, futhi U—UnguNkulunkulu nje yonke indawo.

5 Ngakho manje, ngicabangile kulobubusuku, ngokwejwayelekile ngenkakhi ngiseStates naphakathi kwabantu engibaziyo, niyazi, futhi ngibe nezinkonzo eziningana, ngokwejwayelekile ngithatha indikimba ethile futhi ngikhulume i—isikhashana, kodwa, bese kuthi-ke, nemikhankaso emikhulu, ngani, imenenja ngokwejwayelekile iyakhuluma futhi ngivele nje ngifike ngiphuma ekamelweni lami ngikhuleka futhi ngingene futhi ngikhulume cishe eyisihlanu, imizuzu eyishumi bese-ke ngibiza umugqa womkhuleko.

6 Kodwa ngicabanga kulobubusuku, futhi, besingakhuluma nje omunye komunye isikhashana futhi sizojwayelana kakhulu, futhi khona-ke ngicabanga ukuthi kungaba ngcono uma nje besazana kangcono. Futhi siyazi ukuthi singamaKristu nezakhamizi zakithi zoMbuso weZulu, futhi khona-ke ukuthi singaleyondlela futhi mhlawumbe asikaze sihlangane ngaphambilini empilweni, awu, kuhle uma sithola ukwazana kakhudlwana. Ngicabangile ekwenzeni kanjalo, kungahle kube

yisikhathi esikhulu kimi ukuba—ukuba ngijwayelane nani ngakho ukuthi nje ukwethula imihlangano.

Ngikholwa ukuthi imayikrofoni icishile ndawondawo, mina, angiqinisekile, kodwa ngi—ngizwe iphimbo lami liyeka ukunanela phezulu *lapho*, futhi manje ngiyabuya futhi.

7 Ngakho ngicabange ukuthi ngizothi ukuninika inani lenkokhelo elincane lomhlangano. Ngokwejwayelekile lapho siyongena edolobheni noma isizwe esithize (INkosi ingivumele ukuba ngihambe, ngokuzenzekelayo sonke isizwe emhlabeni, ngibambe imihlangano, futhi thina, siMbonga kakhulu ngalelithuba.), ngokuntuleka kwemfundo nokunye nokunye obekungathatha ukwenza ukuba ngumfundisi, Ungiphile, ngomusa waKhe, enye indlela yokukhuluma kubantu baKhe, lokho kungokwethula kubo umBhalo ka "Jesu Kristu onguye izolo, namuhla naphakade," enkulu, iNkosi uJesu ovukileyo.

8 Futhi kulokhu, ngokubona imibono, obekuyi, into ethile engibe nenhlanhla yokuyibona ivela kuNkulunkulu kusukela ngiseyingane . . . Akungabazeki kodwa abaningi benu lapha uzifundile izincwadi, nokunye nokunye, kobufakazi bempilo yami, futhi mhlampe ubekwezinye zezinkonzo. Kodwa imibono ayiphulukisi muntu, *akekho* ongaphulukisa omunye. Futhi ingxenye enkulu yezinkonzo zami isekeleke, kusobala, phezu kwensindiso. Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kungokuncane, futhi akekho ongake alinganise ngokuncane. Kodwa cishe amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili-nesithupha enkonzo yeNkosi yethu kwakungukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, Wakwenza lokho ukuze abambe amehlo abantu.

9 Njengomngane wami oligugu, omunye we, izimenenja zami zokuqala, futhi wayenami waze waba mdala kakhulu ukuba ahambe, ngicabanga ukuthi elinye lamabandla akhe lilapha edolobheni, elibizwa ngeChristian Missionary Alliance, uDkt. F. F. Bosworth, wayevame ukusho kimi, wathi, "Mfowethu Branham, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuyisicupho osifaka ehhukwini. Awuyikhombisi neze inhlanzi ihhuku, uyikhombisa isicupho, idumela isicupho bese ithola ihhuku." Ngakho yileyondlela, okuthi ukufana, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuyasetshenziswa. Thina . . . INkosi yenza okuthize ukukhombisa ukuthi Ikhona, futhi lapho a—amehlo abantu ebanjiwe ukubona uBukhona bukaNkulunkulu impela Owabenzayo futhi uyobehlulela ekwaHlulelweni, bayavuma-ke ukuza emgqeni waKhe. Ngakho ngiyabonga ngethuba.

10 Ekwenzeni lokhu, izikhathi eziningi izethameli zi—zibanzi, futhi sizinika ikhadi lomkhuleko ukubamba inombolo, bese-ke sibiza lezozinombolo emsamo futhi sikhuleke nabo.

11 Manje, angikaze ngiphulukise noma ubani empilweni yami yonke, kodwa ngibonile iNkosi iphulukisa amashumi

ezinkulungwane, zezitatimende ezibhalwem phansi ezivela kodokotela nezibhedlela ezinkulu, njengabakwaMayo, futhi—futhi ngiYibonile enkonzweni yami emfishane yeminyaka engamashumi amabili nesishiyagalombili ngaYo, ngezitatimende ezibhalwe phansi, ukuvusa abantu abane abafile kulolusuku, owayesevele wedlulele ngaleya kwekhethini lesikhathi futhi wavuswa, esinezitatimende ezivela kodokotela, a—abamemezela ukuthi bafile, futhi babuyela ekuphileni.

12 Futhi izikhathi eziningi babebonwa emibonweni, njengalowo waseNorway, noma, ngiyakholwa, eFinland, eminyakeni embalwa edlule. Kwabonwa ngombono iminyaka emithathu noma emine ngaphambi kokuba kwenzeke, ngaba nawo wonke umuntu ekufaka emaBhayibhelini abo ezizweni zonke kanjalonjalo, futhi ngenkathi kufezeka, babona-ke ukuthi kwakuqinisile.

13 Ngokufaneleyo, ngikholwa ngokweqiniso ukuthi iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka, ngikholwa ukuthi ziyiziphiwo ezivela kuNkulunkulu. Futhi ngikholwa ukuthi lonke ibandla lendawo lifanele libe neziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye zisebenza kulo, ngokwabaseKorinte bokuQala isahluko 12.

14 Manje, si, ngendlela yami yokufundisa. . . Angisuye owanoma iyiphi inhlangano, ngake ngaba ngowayo futhi ngagcotshwa ebandleni iMissionary Baptisti, futhi khona-ke ngaliyeka lelo, hhayi ngoba kwakukhona noma yini engalungile ngebandla, kodwa ngenxa yokuthi ngangikwazi ukuma phakathi kwabantu, esikhaleni, futhi ngibe ngumfowenu kubo bonke abantu, nalokho kuthonya okuncane enganginakho, okwakunganikeza kuvela eNkosini, bekungeke kuye enhlanganweni ethize eyodwa, kodwa kube okwawo onke amabandla nabo bonke abantu, futhi lokho kwaba ukukhetha kwami ukwenza lokho.

15 Kuyinhlanhla enkulu, kulobubusuku, ukuba kulelibandla, lenhlangano lapha e—ephethe lelibandla, engiqondayo ukuthi yi-United Church. Angikholwa ukuthi sengake ngaba nenhlanhla yokukhuluma e—epulpiti le-United Church ngaphambilini, futhi lokhu ngikuthatha njengenhlanhla enkulu.

16 Ngiyethemba ukuthi uNkulunkulu uzobusisa lebhodi yabaphatheli esivumela ukuba sibe nalesisakhiwo esihle sokukhonzela uNkulunkulu. Sengathi iNkosi ingabusisa labo bazalwane, ibusise umelusi. Kwangathi lingakhula libe ngelinamandla, ibandla elinamandla, kakhulu kunalokho eliyikho manje, uma lokho kungenzeka, nalo lonke ibandla elimelwe lapha.

17 Simele iNto eyodwa kuphela, lowo nguKristu. Futhi ba. . . Ngicabanga ukuthi UyiNto enkulu yokukhonza kwethu nokunikela kwethu. Abanye abantu bahamba *ngenye*

indlela, abanye bahamba *ngenye*, njengesinye isikhathi ngangena esakhiweni, kwakukhona u—umfundisi weMethodisti, uMfundisi Arnie Clagg, ngangingumfundisi weBaptisti ngalesosikhathi, uMnu. Bohanon wayehlezi lapho, uCharlie Bohanon, owayeyiMaster Mason edlule, wayengunsumpa wenkampani engangiyisebenzela, uFata Halpin, umpristi ongumIrishi wangena, futhi wathi, "Manje, sifanele senzeni sonke manje na? Sonke sihlezi ndawonye."

18 Futhi umpristi omdala wenza u—ukuphawula okuhlala njalo kunamathele kimi kahle ngempela, wathatha isiqephu sephepha wayesedweba ibhlokhi encane wayesebhala, "Los Angeles," wathi. . .manje-ke khona-ke wadweba imigqa emningana ehla ebheke ngaseLos Angeles. Wathi, "Manje, *nangu* uBilly," lowo kwakuyimi, wathi, "yena wehlela kulokho ebesingathi iPennsylvania Line." Wathi, "*Nangu* uMfowethu Clagg futhi wehlela kulokho abakubiza ngeSouthern Line." Nabehlukene, imigqa ihamba. Wathi, "Yonke iholela eLos Angeles, hlala nje esitimeleni sakho." Ngakho ngacabanga e—esikhathini esinjengaleso, lokho kwakungukuphawula okuhle impela kumpristi ongumIrishi.

19 Futhi lokho kungukuthi, inqwaba yeqiniso kulokho nokho, into ebalulekile akusikho *lokho* okukholwayo kodwa ukuthi *uBani* omkholwayo, yilokho-ke. Futhi siyakholwa, kulobubusuku, ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, eyazalwa yintombi uMariya, wahlupheka ngaphansi kukaPilatu, wabethelwa, wavuka ngosuku lwesithathu, futhi wenyukela eZulwini, futhi uhlezi ngakwesokunene soMkhulu kaNkulunkulu kulobubusuku, lapho ephila njalonjalo ukwenza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu. Ngakho-ke, Ubengeke asinxusele size kuqala sivume ukuthi Wenze umsebenzi, ngumsebenzi osuqediwe.

20 Manje, ngingahle ngenze lesisitatimende, ukuthi konke ukuphulukisa, yonke insindiso yi—yilokho uNkulunkulu asizuzele khona ngoKristu, sekuvele kungumsebenzi osuqediwe. Manje, kubekeni engqondweni lokho njengoba nikhulekelwa, noma utshele abangani bakho, ukuthi akukho lutho esingakwenza ukukuthuthukisa, akukho esingakwenza ukukuqhubela phambili, into kuphela esingayenza ngukukufundisa, niyabo, ukuthi sekuvele kuzuziwe.

21 UNkulunkulu, qobo lwaKhe, wasenzela lokho eKalvari, futhi lapho, Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu, isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo, nangemivimbo yaYo siphulukisiwe thina; yinkathi edlule. Manje kukuwe nami ukulinganisa ukukholwa, kithi uqobo, ukwemukela lokho uKristu asenzele khona, futhi umzuzwana esikwemukela ngawo futhi sivume ukuthi

Ukwenzile, khona-ke Uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu ukwenza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu.

22 Manje, igama *vuma* lapho e. . . yigama elifanayo, abefundisi lapha bayokwazi, *ukuzisho* kuyasho, kodwa *ukuzisho* no*kuvuma* yigama elifanayo. Uku*kusho*, kwase "kuvele kuvunyiwe." Kuvela egameni elifanayo lesiGreki.

23 Futhi siyazi ukuthi ku. . . sifanele sivume ukuthi Ukwenzile, futhi Angeke akwenze size sikuvume, futhi khona-ke UngumPristi oMkhulu ukwenza ukunxusela phezu kwalokho esivumayo ukuthi Usenzele khona, lokho kwenza ukukholwa emsebenzini osuqediwe uKristu asenzela wona eKalvari. Kulula kanjalo nje. Manje, lelo yiVangeli elimsulwa.

24 Manje, namhlanje lapho ukhuluma ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, kuthi ukuba yinto ethintayo phakathi kwamabandla amaningi. Okungukuthi mina. . . kwelethu. . . eMelika, nabaningi benu maPresbyterian niyazi, kukhona ucwaningo olukhulu ngalo, na—namaphepha esizweni sonke, kanjalonjalo, ukuthi sifanele sibuyele emuva, ibandla lePresbyterian, emfundisweni yasekuqaleni yabaphostoli yombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukukhuluma ngezinye izilimi, sinezinkonzo zokuphulukisa, kanjalonjalo, emihlanganweni.

25 Amaningi amabandla amakhulu eStates azama ukubuyela kulolohlelo. UBilly Graham omkhulu, esitatimendeni sakhe maduze nje, entshumayelweni, wathi, "Ngeke sisalishaya indiva ibandla lePentecostal," wathi, "ngoba lingelinye lamakhulu, amabandla akhulayo."

26 Okungukuthi ibandla lePentecostal likhula ledlula onke amabandla ehlanganiswe ndawonye, inhlangano yePentecostal. I *Our Sunday Visitor*, iphepha leKatolika, ngonyaka odlule lasho ukuthi ibandla eliKatolika limemezele umhlaba wonke abaphendukile abayisigidi esisodwa kowedlule uni-. . ., e, ngonyaka odlule. Kodwa ibandla lePentecostal labhalisa isigidi esisodwa, abaphendukile abayizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu ngonyaka odlule kulo uqobo, ngakho ledlula onke amabandla, ngenxa yenhlangano yayo yobuvangeli emhlabeni jikelele. Futhi, kusobala, lowo ngabefundisi aba—abaziwa kahle, futhi—futhi bangaki abanye esingazi lutho ngabo na?

27 Manje, kodwa iPhentekoste ayisiyo i—inhlangano, iPhentekoste yisehlakalo esiya kunoma yiliphi ikholwa. I*Pentecostal* angeke yahlelwa, iPhentekoste iyisehlakalo.

28 Iya ebandleni laseSheshi, nasebandleni i-United nakwiMethodisti, neBaptisti, namaPresbyterian, "Noma ubani othandayo angeza." Kungukubuyiselwa emuva emlayezweni wobuphostoli, okungukuthi ibandla eliKatolika uqobo lwalo laqala ngesinye isikhathi.

29 Ibandla eliKatolika, ibandla eliKatolika lasekuqaleni kwakuyibandla lePentecostal. Kwase kuthi-ke, kusobala kwenza inhlangano yayo eminyakeni eyikhulu lesithathu emva kwe . . . e—eMkhandlwini waseNayisiya, kwabumbeka kulokho abakubiza ngenhlangano yebandla elikhulu lamaKristu lomhlaba wonke.

30 Futhi kusukela lapho kwase-ke kufika uMartin Luther, noJohn Wesley, futhi o, kuqhubeke, kanjalonjalo kwehle njalo, size sibe yizinhlangano ezingamakhulu ayisishiyagalolunye nento ezehlukene manje, kodwa isendlalelo sabo bonke ubuKristu yiPhentekoste. Futhi uma lowo kwakungumqondo kaNkulunkulu weBandla kuqala, uNkulunkulu akanakuphosisa futhi angeguquke, ngumqondo waKhe weBandla namhlanje.

31 Futhi leso yisehlakalo ukuthi noma yimuphi umuntu angaba naleso esingesanoma iyiphi yalezozinhlangano, angaba nesehlakalo esifanayo enhlanganweni akuyo, into esemqoka ngukwemukela nje isehlakalo.

32 Manje, siqhubeka singathanda ukusho, ukuthi ubusuku ngabunye abafana bayehla, nendodana yami ikakhulukazi, futhi banika abantu ikhadi lomkhuleko. Ithatha amakhadi omkhuleko, futhi ime phambi kwenu, futhi iwaxube onke, inika noma ubani ikhadi lomkhuleko olifunayo elilodwa.

33 Manje, asizame ukuba lapha kusasa ebusuku kungakadluli ligamenxe elesikhombisa, ukuze singaphazamisi izinkonzo. Ngalobobusuku, khona-ke siyafika, asinandlela lapho esizobiza khona, asazi ukuthi kungahle kube kuphi, singahle siqale kusukela kwelokuqala kuya kweleshumi nanhlanu, elamashumini amabili, noma mhlawumbe siqale kusukela kwelamashumini amabili, siye emuva, noma siqale kusukela kwelamashumi amahlanu bese size *ngapha*, nga*leyo*ndlela, nje uwaxubanise ndawonye ukuze abantu bangezukubuthana bese bethi, "Manje, uma ngingenayo inombolo . . . uma ngingenawo amashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu kuya ekhulwini, ngifuna uku . . . angilifuni." Niyabo? Kodwa anazi ukuthi lizobizwa kusuka kuphi, siyalinda size sifike lapho.

34 Bese kuthi-ke lokho nje kuthola uMoya uqale ukuhamba ezakhiweni, khona-ke uphumele ezethamelini, abantu baqala ukukholwa uNkulunkulu, noMoya oNgcwele uqhubeka ngqo ungene ezethamelini bese uyacosha, ubakhipha ngqo ezethamelini lapho, noma ngabe bakuphi, ngakho uMoya oNgcwele awuboshelwe ekhadini lomkhuleko, noma kanjalonjalo.

35 Futhi ikhadi lomkhuleko liyinombolo kuphela ukuligcina lingafani . . . Wena uthi . . . Ngingathi kulobubusuku, mhlawumbe abantu abangamakhulu amabili phakathi lapha, angi—angi . . . kakhulu ekulinganisweni kwezixuku, kodwa ngizothi ekugcineni, mhlawumbe ikhulu namashumi amahlanu,

abantu abangamakhulu amabili. Awu khona-ke uma lokho kunjalo, ngingathi kuleliqembu elincane mhlawumbe bekuyoba nabantu abangamashumi amahlanu abafuna ukukhulekelwa.

36 Ake sibuze nje. Bangaki abantu phakathi lapha, abanokugula ongathanda uNkulunkulu akuphulukise na? Phakamisani izandla zenu, nonke, ndawo zonke. Niyabo? Bangaphezu kwengxenye yabo. Manje, ubani ozoba ngowokuqala phezulu emsamo na? Lapho—yilapho ofanele . . . Sifanele sibe namakhadi noma enye indlela yokukwenza.

37 Manje, kusasa ekuseni, ngiyaqonda, ngelesishiyagalolunye nqo eHhotela iWindsor, kuzoba nokudla kwaseku- . . . (Ngiqagele usuvele ukumemezele lokho, ukumemezele, Mfowethu na?) Lokho kuhle. Futhi ngizokhuluma (Ngabe kunjalo na?), ekudleni kwasekuseni. Ngingajabula ukuba nifike. Ngicabanga ukuthi ukudla kwasekuseni okuvulelekile kwabo bonke—bonke abantu, singajabula ukuba nifike. Bese—bese—bese kuthi-ke kusasa kusihlwa, futhi, ligamenxe elesikhombisa.

Manje, singakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje, njengoba sikhuluma kuMqambi weNcwadi esizoyifunda.

38 Nkulunkulu onomusa nonaMandla, O, ngaphambi kokuba kubekhona ngisho i-atomu emoyeni noma imolekhuli kwi-atomu, WawunguNkulunkulu. Futhi kuloMuntu omkhulu obizwa ngoNkulunkulu kwakukhona izingxenye ezingahlukaniseki, kwakukhona ingxenye engehlukaniseki yokuba nguBaba, ingxenye engehlukaniseki yokuba nguNkulunkulu, ingxenye engehlukaniseki yokuba nguMphulukisi, ingxenye engehlukaniseki yokuba nguMsindisi, futhi kwakungekho lutho olungasindiswa noma lutho lokuKukhonza, ngakho WawunguMthombo nje omkhulu wabo bonke ubuhlakani.

39 Futhi Wadala iziNgelosi, wase-ke Uba nguNkulunkulu. Futhi khona-ke kusukela lapho Wadala umuntu, kanjalonjalo. Umuntu wawa, nengxenye engehlukaniseki enkulu kaNkulunkulu iziveza obala kulobubusuku, njengoMsindisi.

40 Ngenkathi Udala umuntu Waba nguBaba. Futhi manje umuntu wathola ukugula phezu kwakhe kusukela ekuweni, ngakho-ke ingxenye engehlukaniseki enkulu kaNkulunkulu, ezoba nguMphulukisi, manje iyaziveza obala phezu komhlaba njengoKristu uMphulukisi.

41 Sibonga kakhulu kanjani ngalezizingxenye ezingahlukaniseki eziveziwe ezimpilweni zethu uqobo, ukuthi siyazi ukuthi sedlulile ekufeni sangena ekuphileni, ngoba kukhona okwenzekile kithi okusikhiphe ezintweni zezwe saya enhlanganweni njengamadodana namadodakazi noNkulunkulu ophilayo uSomandla.

42 Izinhliziyo zethu zenziwa zithuthumele ngenjabulo ngenxa yalesisehlakalo. Siyajabula, Baba, futhi sizama ukuzihlanganisa

nabanye, ukuze abanye bajabulele lezizibusiso ezinkulu zokuhlenga esinikezwe zona ngokuhlupheka kweNkosi yethu.

43 Insindiso yomphefumulo, uMoya oNgcwele ukusebenza phakathi kwabantu, nokubona ukuphulukiswa nezimangaliso zenziwa, nesandla sikaNkulunkulu ophilayo sihamba phakathi kwethu, sibonga kakhulu ngalokhu. Baba, ngikhulekela ukuthi Uzobusisa abafowethu nodadewethu macala onke eDawson Creek nasezifundeni zayo ezizungezile, kwangathi kungebebikho ogulayo noma umuntu ohluphekile phakathi kwethu lapho izinkonzo ziphela.

44 Busisa abefundisi bakho, Nkosi, kwangathi umthelela wokubuthana kwethu ndawonye ungaqala imvuselelo eyimfashini endala kuso sonke i—isifundazwe, nezibonakaliso ezinkulu nezimanga zingaphelekezela lemvuselelo.

45 Siyakholwa ukuthi siphila esikhathini sokuphela, Baba, njengoba sisekupheleni kwalolusuku, lolusuku lwamahora angamashumi amabili nane. Sikholwa njengoba ilanga lishona e. . .ngaphesheya komkhathizwe wasentshonalanga, ukuthi futhi ilanga lempucuko liyashona, nokuphela kwesikhathi sekuseduze, neLanga lokulunga selilungele ukuphuma nokuphulukisa emaphikweni aLo.

46 Siphe, O Nkosi, ukuthi lokhu kube yizinto ezisemqoka kubantu, ukuze babambe lamaqiniso amancane futhi babambelele kuwo, futhi khumbulani ukuthi ngolunye usuku ukuthi ngamunye wethu siyodingeka sime eBukhoneni baKho obuhloniphekile futhi silande ngawo wonke umcabango odlula ezingqondweni zethu. Ngakho ngiphe mina nabantu bakithi nabantwana baKho phezu komhlaba, ehlanzekile, engcwele, imicabango ethembekile, ukuze singazehlukanisi namaZwi aKho, sazi ukuthi iZwi laKho liyiQiniso futhi Wena ungongenasiphelo, ongenakuphosisa, osezindaweni zonke, uNkulunkulu owazi konke, nonamandla onke. Khona-ke, Baba, Wazi zonke izinto futhi Ungosezindaweni zonke uku—ukusenzela lokho obekuyoba ngokuchichimayo ngokweqile ngaphezu kwakho konke lokho ebesingakwenza noma sikucabange. Futhi siyakholwa ukuthi Uzosipha khona.

47 Futhi O Baba Nkulunkulu, yenza okuthize lapha kulobubusuku, phakathi kwabantu okuzobangela ukuxwayisa okukhulu kulelidolobha elincane. Siphe khona, Baba, ukuthi izinhliziyo zomKristu zizoshukunyiswa, futhi ngesikhathi kufika iSonto, kwangathi lonke ibandla lingagcwala endaweni yalo, izoni ziphenduka, izinkonzo ezinkulu zokuphulukisa ziqhubeka yonke indawo, ukuze kwaziwe ezweni lonke ukuthi kukhona imvuselelo kaNkulunkulu ophilayo eDawson Creek, eBritish Columbia.

48 Baba Nkulunkulu, njengami uqobo, ngizibeka mina uqobo e-altare, kusebenzise, Nkosi, nganoma ngayiphi indlela Obona

kufanele. Sonke siyakwenza lokho, futhi sicela izibusiso zaKho njengoba siqhubeka nokulinda eZwini laKho. EGameni likaJesu, siyakhuleka. Amen.

49 Manje, ngendlela nje ye—yengqikithi, ngithanda ukufunda kuJohane oNgcwele 12:20 nelama 21, ngithathe umBhalo omncane ojwayelekile ukuba nje ngikhulume, hhayi ukushumayela, ngoba ngi—ngi, ngifuna nje ukukhuluma kini ngendlela yokuthi, nje ngibeke lokhu ukuze nizobona, futhi asidwebe umqondo.

50 Ngikholwa ukuthi iBhayibheli lathi, "Wozani, sithethe indaba, isho iNkosi," ku—ku-Isaya isahluko 18. "Wozani, sithethe indaba, isho iNkosi." Manje, ngicabanga ukuthi yilokho esifanele sikwenze, ukuzindla.

51 Ngakho nje ngendlela yokuthi, ngokuthola ingqikithi, ngifuna ukufunda lelivesi:

> *Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyukela ukuba*. . . umkhosi ukukhonza:
>
> *Lowo waya*. . .*kuFiliphu, waseBetsayida laseGalile, acela kuye, athi, Nkosi, sithanda ukubona uJesu.*

52 Bese kuthi-ke kumaHeberu 13:8, sifunda lamavesi lapha:

> *UJesu Kristu onguyena izolo,*. . .*namuhla, naphakade.*

53 Manje, kukhona umbuzo impela. Futhi manje, ukwehlukanisa ngokufanele lokhu futhi ngikunikeze u—ukuhumusha okusile, ukwazi kwami okwedlula konke yilokhu: Ukuthi sonke, siyazi ukuthi njengamakholwa angamaKristu ukuthi ngelinye ilanga sibophezelekile ukuma eBukhoneni bukaNkulunkulu. Siyakwazi lokho, sifanele sime eBukhoneni baKhe, ngokuba siyizidalwa zokudaliweyo kwaKhe.

54 Futhi njengamaKristu, sikholwa ukuthi leliBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu elingenakuphosisa. Ngi. . . Uma ngingeLemukele, lonke iZwi, khona-ke ngi—ngingeke ngaba nokukholwa. Ungeke—ungeke waba nokukholwa entweni ethile o—ongabazayo ngayo, ngoba ufanele—ufanele ube nokukholwa entweni okholelwa kuyo.

55 Ngakho uma iZwi liphikisana, noma Laliqondiswe komunye unyaka, noma abanye abantu, nemibhalo ekuLo, eminye imiBhalo iqinisile neminye ayilona iqiniso, njengoba abantu bengasenza sikholwe, noma sizame, khona-ke, kimi, Akusikho ngisho. . . Ku—Kuyinto edida kakhulu, ngi—ngingeke ngisho ngibe naKho endlini yami, ngoba angivumeli izincwadi zezwe zingene endlini yami. Futhi uma leNcwadi ingukuphikisana kwaYo uqobo, noma Ithembisa into ethize Engayikuyisekela, khona-ke ngi. . . A—Akusilo iZwi likaNkulunkulu.

56 Manje, khumbulani, uNkulunkulu ungongenasiphelo, futhi UnguMninimandla onke. Futhi Ungosezindaweni zonke, ngoba Ungowazi konke, noma, futhi. . .

57 Manje, qaphelani, khona-ke *leli*Zwi liyiqiniso, futhi uma Liyiqiniso, LiyiZwi likaNkulunkulu; futhi akekho umuntu ongcono kunezwi lakhe. Sihlala njalo sifuna ukusayina izinkontileka omunye nomunye. Kodwa kimi kwakubonakala njalo uma ngisayina inkontileka nendoda engingayethembi kangako! Kodwa uma nginokuyethemba indoda, asisayini nkontileka, izwi lethu yilona elimile. Izwi lakho liyisibopho sakho.

58 Futhi uma ngingenakukutshela iqiniso, khona-ke izwi lami alilungile. Futhi uma uNkulunkulu esitshele into ethile engesilo iqiniso, khona-ke *Leli* akusilo iZwi likaNkulunkulu kungenjalo Ubengeke abe nguNkulunkulu. Angaba kanjani nguNkulunkulu ongenasiphelo, bese-ke esho into ethile engalungile na? Niyabo? Ngakho ngiyakholwa ukuthi *Leli* yiZwi likaNkulunkulu, nokuthi isimo somqondo esifanele ngakunoma yisiphi salezozithembiso zobuNkulunkulu phakathi lapho sizokufezekisa.

59 Manje, ngi ca-. . .Kukhona. . .Ngithi kungahle kube nezithembiso phakathi lapho engingekwazi ukuzifeza, njengo-Enoke nje wahamba noNkulunkulu iminyaka engamakhulu amahlanu, futhi washaywa umoya wantambama, waya eKhaya naYe ngaphandle kokufa. Ngifisa sengathi benginalolohlobo lokukholwa, kodwa bengingefune ukuma endleleni yomunye umuntu obenalolohlobo lokukholwa. Ngakho sifanele sikholwe ukuthi LiyiZwi likaNkulunkulu.

60 Manje, bhekisisani lokhu, lawomaGreki asizwakalisa kahle isifiso sawo wonke umuntu owake wezwa ngoJesu Kristu, ngokuba bathi kokwabo—kwabo. . .ababekufuna kwakungukuthi, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Abazange bafise ukuMuzwa ukuba afundise, abacelanga noma yisiphi salezozimangaliso ukuba bazibone, abashongo ukuthi, "Ake ngibone ezakho. . .izimangaliso zikaJesu, mangiMuzwe efundisa isikhashana." Bathi, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu."

61 Manje, babeshisekele, ngoba babe*zwile* ngaYe. Manje, "Ukukholwa kufika ngokuzwa, ukuzwa iZwi." Manje, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Ngakho beza ukuzobona iZwi lenziwe inyama, uKristu wayeyiZwi likaNkulunkulu lenziwe inyama.

62 Manje, uma Wayenjalo ngaleyonkathi, wavumela lababantu ukuba babone uKristu, futhi thina, kulobubusuku, besingafisa ukuMbona, khona-ke kungani singakwazanga ukuMbona kahle njengoba benza na? Manje, bangaki phakathi lapha abangathanda ukuthi, "Ngingathanda ukubona uJesu"? Ake sibone izandla zenu. Kuzozonke izethameli nje, akunandaba

noma ngabe ungumKristu, isoni, noma qha, "Ngingathanda ukubona uJesu."

63 Awu, uma lokho kuyisifiso sethu, futhi leso yisifiso esifanayo amaGreki ayenaso enyukela emkhosini . . . Kwakungumkhosi wePhentekoste, futhi, ngenkathi bekhuphuka isifiso sabo, babezwile ngaYe, kodwa babefuna ukuMbona. Ngakho bathola isifiso sabo ngokusicela ngenceku kaKristu.

64 Khona-ke uma Enguye izolo, namuhla naphakade, khona-ke besingeke yini sithole isifiso sethu ngokufanayo njengoba bebengenza, uma Enguye na? Asifanele yini sikwazi ukuMbona ngokufanayo nje njengoba benza na? Uma kungenjalo, khona-ke kukhona okungalungile ngeZwi laKhe, ngokuba Washo *lapha* ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Awu khona-ke, ukuba besizoMfuna kulobubusuku . . .

65 Futhi ake ngicaphune esinye futhi isithembiso, okungukuthi angeke ngizame ukuthatha isikhathi senu esiningi kakhulu, ngoba ngiyazi niyalima, futhi nifanele nihlwanyele izimbewu zenu, kanjalonjalo, futhi a—angifuni ukuthatha lokho. Kodwa sinezinye iziMbewu lapha ezimila uhlobo olwehlukile lokuPhila, ngakho asithathe, sibeke leziziMbewu ezinhliziyweni zethu, ngokuba ZingukuPhila okuPhakade kuwo wonke ozoYemukela futhi aYikholwe.

66 Manje, uJesu wathi, "Lapho kubuthene ababili noma abathathu ngeGama laMi, ngiyakuba phakathi lapho." Manje, khona-ke lokho kuzofanele kuMlethe ebukhoneni bethu manje. Khona-ke uma Elapha, uKristu ongenakubonwa, pho kungani singaMboni njengalawomaGreki ayefuna ukuMbona na? Ngokuba Unguye ngandlela zonke ngaphandle komzimba uqobo, umzimba wenyama, njalo, UnguKristu ofanayo.

67 Awu, besizokwazi kanjani ukuthi Ubelapha na? Besingaqonda kanjani ukuthi Ubelapha na? Manje, Wenza lezi uhlobo lwezithembiso: "Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe."

68 Manje, Wethembisa ukuba seBandleni laKhe, esebenza naBo, "Nemisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza, eminingi kunale niyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi." Lowo nguJohane oNgcwele, isahluko 14, ngicabanga ukuthi ivesi 8. Ukuthi singenza okungaphezu kwalokho Angakwenza, iKing James ibeka *omkhulu*, kodwa ukuhunyushwa kwasekuqaleni nge*miningi*, ngoba akukho lutho olukhulu kunakho, Waphulukisa abagulayo, wavusa abafileyo, wamisa imvelo, kodwa lapho AyekuMuntu oyedwa, uNkulunkulu wayekhona-ke, manje UseBandleni laKhe lomhlaba wonke, ukuze Engenza okuningi ngeBandla, kunoma Abengakwenza nje kuMuntu oyedwa.

69 Manje, hlobo luni lomuntu ebesingalubheka, ukuba besibheka eDawson, kulobubusuku, ukuthola uJesu na? Ungathanda ukuMbona, ngakho hlobo luni lomuntu ebesingalubheka na? Besingabheka umuntu othize ogqoke ngokuxakile, enye indoda egqoke izingubo zenkolo, njengezingubo ezinde noma okhololo abaphendulelwe noma enye inkolo...? Qhabo, ngokuba uJesu wayegqoka izingubo ezijwayelekile. Yena...

70 Besingafuna umuntu othile obukeka ehlukile komunye umuntu na? Qhabo, WayenguMuntu, ebukeka njenganoma yimuphi umuntu nje, Wangena ephuma, amadoda, akekho owayazi ngaphezu kwalokho ukuthi Wayengumuntu ojwayelekile nje. Futhi yilapho amaJuda ayengenakuMqonda khona engukuthi, Ezenza uNkulunkulu futhi nokho enguMuntu, ngokuba babemazi umama waKhe—waKhe nabafowabo baKhe nodadewabo baKhe, futhi bamangala ukuthi kuphi konke lokhu ukuhlakanipha okukhulu Ayenakho, ukuthi kuvelaphi.

71 Wayengazani nanoma yisiphi isikole, Yena, e, njengoba Yena engu—nguMfundisi, asinakho okuqoshwe phansi ngaYe echitha usuku olulodwa kunoma yisiphi isikole ndawo. Futhi sinobufakazi nje ngisho nabaphostoli, bonke babe, cishe impela, bengafundile, abantu abangafundile. Lowo owathokozisa uKristu ukunikeza izihluthulelo eMbusweni, wayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe uqobo.

72 Angizami ukwesekela ukungazi, ngizama kuphela ukunitshela, ukuthi singeke safundisa abantu ukuba babone uNkulunkulu. UNkulunkulu akaziwa ngemfundo, noma isayense, noma...Waziwa kuphela ngokukholwa, yiyona ndlela kuphela ongaMthola ngayo, ngukuMkholwa, lolo wuhlelo Alubeka phansi, ukuze abangafundile nabafundile, ndawonye, bengajabulela inhlanganyelo yoBukhona baKhe phezu kwezisekelo zokukholwa eZwini laKhe.

73 Ngakho hlobo luni lomuntu ebesingalubheka ukuba besingeke sibheke lolohlobo lomuntu na? Sithola okunjalo namhlanje, angikusho ngokugxeka, kodwa ngikusho uku—ukuba kube yiqiniso, ukuthi sithola amabandla ethu namhlanje egqokile ezakhiweni ezinhle kunazo zonke, sithola inkonzo yethu ngezingubo ezinde ezinhle kunazo zonke, na—namakhwaya ethu, nokwethu...ngokuhle kunakho konke ko—ko—kokucula, sithola abefundisi bethu bene—ne Ph.D., L.L., zonke izinhlobo zeziqu, kodwa uphi lowoJesu na?

74 UDkt. Morris Reidhead, umongameli weziMishini ezinkulu zaseSudan, omkhulu kunabo bonke emhlabeni, wafika kimi maduze nje, futhi egumbini, wathi, "Mfowethu Branham, ngineziqu ezenele, neziqu zokuhlonishwa ezingaplastela udonga lwakho." Wathi, "Kodwa uphi uKristu kunoma yikuphi kwakho na? Ngabe othisha bebenephutha na?"

75 Ngathi, “Ngingefise ukusho lokho, Mnumzane.” Ngathi, “Mina, njengo—ngomuntu onemfundo yasesikoleni yokukhulunywa nokubhalwa kolimi, bengingeke ngisho ukuthi labo abakhulu, abafundisi abakahle ubenephutha, kodwa, bakutshele iqiniso, kodwa uKristu akahambi ngeziqu ozithola lapha ngesayense yezenkolo, uKristu ungokukholwa, Akasiyo inganekwane, UnguMuntu.”

76 UMoya oNgcwele awusiwo umcabango, UnguMuntu, “Lapho Yena, uMoya oNgcwele, esefikile,” futhi *yena* yisabizwana somuntu, ngakho Ku—Kungokoqobo, UnguMuntu kaKristu esimweni sikaMoya oNgcwele ephila kuwe.

77 UJesu wathi, “Mina ngingumVini, nina ningamagatsha.” Manje, umvini awutheli isithelo, amagatsha athela isithelo, ngakho ngakho-ke, Uzofanele asebenzise wena nami, amehlo ethu, izindebe zethu, ukuzwa kwethu—kwethu, inkulumo yethu, konke, lowo nguYe ekhuluma ngathi, “Mina ngingumVini, nina ningamagatsha.”

78 Ngakho bekungaba yinhlangano kaKristu kubantu baKhe, uma besingaMbona enza namhlanje njengoba Enza ngaleyonkathi, ngokuba kuyisithembiso eBandleni laKhe, “Hlalani kiMi neZwi laMi kini, celani enikuthandayo.” O, izinkulungwane eziningi kakhulu zezithembiso ebezingacashunwa lapha. Kodwa nguKristu eBandleni laKhe.

79 Esikwenzile phakathi kwethu sonke, ngicabanga ukuthi ngisezethamelini ezixubile, njengokwejwayelekile, kodwa esikwenzile, simatanise uKristu nomqondo wobuhlakani bukaNkulunkulu othize womlando. Uma EnguNkulunkulu womlando, Uzosisiza ngani namhlanje na? Uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo walesisizukulwane njengoba Wayenjalo onyakeni wobuphostoli, ubengasiza ngani uNkulunkulu kaMose uma Ubengesuye uNkulunkulu ofanayo namhlanje na? Ubengasiza ngani uNkulunkulu okuphulukisayo ophulukise abagulayo emuva osukwini lwakhe, futhi, uma Engesuye namhlanje na?

80 Uma bengingabuza ukuphulukiswa, impela bengiyobuza insindiso, ngoba zombili ziyizibambiso zensindiso yethu... zokuphelelisa kwethu. Uma...Sinesibambiso nje manje sokuhlengwa kwethu okuphelele.

81 Lapho ungabona isithunzi somuntu onomdlavuza isarcomas, abuyele emuva abe ngumuntu omusha futhi futhi enziwe asinde futhi aqine, leso yisibonakaliso sokuthi siyoba nomzimba okhazimulisiweyo ngolunye usuku, ngoba nguNkulunkulu ophilayo kuphela obengenza isimangaliso esinjalo.

82 Lapho ngingabona owesifazane emgwaqeni ophansi kakhulu, oqhothile, ongenasimilo, noma owesilisa ophuma ebhareni, ukubhema, nokuphuza, nokuqalekisa, nokuqhubeka, futhi esikhathini sezinsuku ezimbalwa, ungongcwele, umuntu

omesabayo uNkulunkulu, enza ukubuyisana kukho konke okungalungile kwakhe, lokho ngukuthi, lokho kukhombisa ukuthi kukhona okwenzekile kuleyondoda. Niyabo? Kukhuluma ngelinye iZwe.

83 Siyizakhamuzi, hhayi zaseCanada, thina, kanjalo asizona izakhamizi zase-United States, ubuzwe bethu bungobaPhezulu. Siyizakhamizi zoMbuso kaNkulunkulu.

84 Lapho ngingena eJalimane, ngibheka indlela abenza ngayo, banemibono engeyabo uqobo. Ngehla ngivela komunye womhlangano omkhulu kunayo yonke, lapho esasinesilinganiso semiphefumulo eyizinkulungwane eziyishumi eyasindiswa ubusuku ngabunye, abayizinkulungwane ezingamashumi amahlanu basindiswa ngobusuku obuhlanu, futhi khona-ke ngiza ngehla ngomgwaqo, lapha kwakungabangcwele bephethe izingilazi ezinkulukazi zikabhiya, bephuza nje ngokukhulu ukushesha ababengakwenza, bedumisa iNkosi ngawo onke amandla abo. Niyabo? Awu, bona, lelo yisiko labo eJalimane, niyabo, abakunaki, kanjalonjalo.

85 Uthola izimilo ezehlukene ezizweni ezehlukene, siyakuthola eCanada, siyakuthola e-United States. Kodwa manje-ke, lapho umKristu eba ngumKristu, akasesiso isakhamuzi salelizwe, ngokuba sazi ngokusobala ukuthi siyiNzalo ka-Abrahama, futhi wavuma ukuthi wayeyisihambi nomfokazi, wayeyisakhamuzi somunye uMhlaba, efuna uMuzi oMakhi noMenzi wawo kwakunguNkulunkulu.

86 Ngakho thina, ubuzwe bethu bungobaPhezulu, futhi ngaPhezulu ngubungcwele, nobumsulwa, namandla, isambulo. Ngakho-ke, siyizakhamizi zoMbuso kaNkulunkulu, futhi njengezakhamizi zoMbuso, asifune iNkosi yethu.

87 Ibukeka kanjani na? BesingaYitholaphi na? Indlela kuphela enengqondo ebengingayisho kuwe, mngani wami, kulobubusuku, ngukubuyela emBhalweni futhi uthole ukuthi Ubeyini izolo, khona-ke lokho Ayikho izolo, Uyoba yikho namuhla futhi uyoba yikho phakade, ngoba Ungongenasiphelo, ongenakuphosisa, uNkulunkulu ongaguqulekiyo.

88 Futhi manje, asibuyele emuva, asibeke eceleni, ngizobeka eceleni isiko lami leBaptisti, nibeke eceleni iMethodisti yenu, namasiko ePentecostal, asibuyele ngqo emBhalweni futhi sithole ukuthi Wayeyini. Manje, lokho bekufanele kube okunengqondo, okunomqondo. Bese kuthi-ke, sizothola ukuthi singaMbona noma qha, ukuthi Uzosivakashela, kulobubusuku, futhi ngineqiniso ukuthi besingajabula kakhulu uma Ebeyokwenza.

89 Qaphelani, asibuyele emuva, sifunda kuJohane oNgcwele isahluko 12, asibuyele esahlukweni 1 sikaJohane oNgcwele futhi siqale. Siyathola, masinya emva kokuzalwa kwaKhe ukuthi inkonzo yaKhe yaphambi kwabantu yaqala.

90 Into yokuqala esiMthola eyenza kwakungukukhulekela abagulayo, futhi Wayehambisana nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu kwasekuqaleni nje, ekhulekela abagulayo. Izimangaliso ezinkulu zahambisana nemikhuleko yaKhe, ngokuba uBaba wayephendula imikhuleko yeNdodana yaKhe.

91 Khona-ke siyazi ukuthi kwakukhona abantu ngalolosuku owayebheke uMesiya. Masingalahlekelwa yileliphuzu manje, babefuna uMesiya, OGcotshiweyo, uKristu owayethenjiswe ngabaprofethi beTestamente eLidala. Kusukela le kuGenesisi kwehle njalo, wayethenjiswe uMesiya ozayo, sonke isizukulwane sasibheke lowoMesiya ozayo.

92 Kodwa into exakile, ngenkathi Efika, babeqhothile kakhulu kwezinye izinto, baze behluleka ukuMqonda ukuthi unguMesiya. Babehleleke kakhulu, beqine kakhulu phakathi kwe. . . bezehlukanisa omunye komunye, abaFarisi nabaSadusi kanjalonjalo, njengoba kunjalo nje namhlanje.

93 Ngakho sona impela isibonakaliso ukuthi lowoMesiya wayefanele ukukhombisa ukuthi WayenguMesiya othunywe nguNkulunkulu, behluleka ukusibona, ngenxa yobudlelwane babo nelabo, noma, inhlangano yabo nehlelo labo. Mangisho lokhu ngenhlonipho yokuzithoba nothando lobuzalwane: kuthi akufane namhlanje.

94 Manje, ngenkathi uJohane umBhaphathizi efika enkundleni, inkonzo eyisimangaliso yafika enkundleni yokushumayela okumangalisayo, njengento ethize ngokohlelo lukaBilly Graham, ebesingakusho namhlanje, ngenkathi leyonkonzo enkulu ifika, abantu bamangala, futhi abaningi babo bacabanga enhliziyweni yabo ukuthi lona kwakunguMesiya. Kodwa wabatshela ukuthi wayengesuye uMesiya, kuphela wayengumanduleli, ukuthi Yena wayezoza emva kwakhe. Khona-ke ngenkathi uJesu efika, futhi, uJohane waMqonda ngesibonakaliso, ukuthi ehlane, uNkulunkulu uBaba wayebonise uJohane ukuthi wayengeke akhohliswe ekuboneni uMesiya weqiniso, ngoba Wayezoba nesibonakaliso esasiMlandela.

95 Manje, sifanele sikhumbule ukuthi uMesiya, ngokwemfundiso yeTestamente eLidala, wa-. . . ngokukaGenesise, noma, uDuteronomi 18:35, Wayezoba ngumProfethi. UMose, umprofethi omkhulu weTestamente eLidala, owabeka ngokohlelo inkolo yobuJuda, wathi "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi, onjengami. Kuyakuthi yilowo nalowo ongayikumuzwa lomProfethi uyakunqunywa phakathi kwabantu." Futhi kuqhubeke kuqhubeke kufunda ngaYe.

96 Zonke izimfundiso zeTestamente eLidala zazikhomba kuMesiya owayezofika, nabo bonke abalingiswa beTestamente eLidala babemele loMesiya kwaze kwagcwaliseka kuMuntu.

UDavide, ekhalela iJerusalema, emva kokuba wayekade enqatshiwe, inkosi elahliwe, iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili ukusuka lapho, iNdodana kaDavide yahlala entabeni efanayo, iNkosi elahliweyo ngabantu baYo uQobo, futhi yalikhalela iJerusalema, "Jerusalema, Jerusalema!"

97 UJosefa, indodana ezelwe phakathi kwabanye abafowabo, lokho kwakungukuzalwa okungejwayelekile, futhi wazalelwa ukuba ngumboni, waphupha amaphupho, futhi wabona imibono, kanjalonjalo, futhi wazondwa ngabafowabo ukufanekisa lona impela usuku esiphila kulo manje. Futhi lapho abafowabo kwakungamadoda amakhulu, okhokho, kodwa ekugcineni bambulala, njengoba nje benza kuKristu, waphonswa emgodini, wathengiswa cishe ngezinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva, wathathwa futhi esekuboshweni kwakhe, omunye walahlwa nomunye wasindiswa ubhusha no, noma, umbhaki nomphathizitsha. Futhi ngakho ekuboshweni kukaJesu esiphambanweni, omunye walahlwa nomunye wasindiswa.

98 Kwase kuthi-ke emva kokuba esephakanyiselwe esikhundleni esiphakeme kunazo zonke e—embusweni, esandleni sokunene kuFaro, okungukuthi uJesu waphakanyiselwa esikhundleni esiphakeme kunazo zonke eZulwini, isandla sokunene sikaNkulunkulu. Futhi ngenkathi uJosefa ephuma, kwakhala icilongo, "Nonke khothamani ngamadolo, uJosefa uyeza." Into efanayo lapho iCilongo likhala, "Onke amadolo ayokhothama, nezilimi zonke ziyakuvuma kuJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu." Siyakubona konke kufanekisiwe.

99 Bukani u-Eliya, futhi kwehle njalo, konke kwakufanekisa, kuqhubekele kuJohane. Kwase kuthi-ke uMesiya wabonakala ngokwalawomadoda emuva lapho eyayigcotshwe ngoMoya waKhe, futhi WayenguNkulunkulu ogcwele ebuMesiyeni, WayenguNkulunkulu ogcotshiwe, umProfethi.

100 Futhi ngenkathi Efika ukuzokwenza lezozibonakaliso phakathi kwabantu, abanye babo babeqhothile *kakhulu* enkolelweni yabo yebandla, baze behluleka ukuMbona. Manje, asibuyekeze impilo yaKhe, asiMthole esahlukweni 1 sikaJohane oNgcwele. Enye yezinto zokuqala esiMbona ezenza: Kwakukhona indoda egama lingu-Andreya, yakholelwa kuYe, enxusa umfowabo, uSimoni, ukuba eze abone loMuntu.

101 USimoni, okungukuthi kamuva owaba nguPetru futhi wanikwa izihluthulelo zoMbuso, umbhishobhi omkhulu weBandla, umdobi, ongazi lutho, iBhayibheli lathi, ongafundile, oNgcwele, e, iNcwadi yeZenzo isahluko 3, ukuthi wayeyikho kokubili engazi lutho futhi engafundile, futhi ngakho, noJohane futhi.

102 Futhi khona-ke lapho simthola enyukela eBukhoneni baloMuntu, Owayecatshangwa ukuthi unguMesiya, ake sibheke ukuthi watholani. Ukuba-ke wayethole indoda eyayingusiyazi wezenkolo nje omkhulu na? Babenenqwaba yabo ngalolosuku. Niyabo? Babenenqwaba yabo. Ngabe wa. . .? Watholani na? Hhayi usiyazi omkhulu wezenkolo, kodwa wathola omncane, uhlobo oluthobile loMfo. Futhi wathi nje angahamba ayongena eBukhoneni baKhe, Wambuka ebusweni wayesethi, "Igama lakho unguSimoni, futhi igama likayihlo nguJona." Futhi masinyane lendoda eqeqeshwe kahle ezintweni zikamoya yaqonda ukuthi Lowo kwakunguMesiya.

103 Amakhulu eminyaka selokhu babenomprofethi, futhi babazi ukuthi olandelayo emgqeni kwakunguMesiya, manje, kubambeni engqondweni lokho, masinyane, lendoda yakuqonda Lokho ukuthi nguMesiya, futhi yawa ezinyaweni zaKhe.

104 Kwakukhona oyedwa owayemi lapho ogama linguFiliphu, owabona lokhu kwenziwa, futhi ekuboneni kwenzeka, wakhumbula ngomngane olungileyo. Kukhona okuthize ngakho, lapho ubona, ngokweqiniso, uKristu, ufanele utshele umngane wakho, noma yimuphi umuntu uzizwa ngaleyondlela ngomngane wakhe.

105 Ngakho uyahamba uzungeza intaba, amamayela ayishumi nanhlanu, futhi ufika endaweni lapho umngane, lowo owayengumfundi omkhulu weBhayibheli, futhi igama lakhe kwakunguNathanayeli, futhi wamthola ngaphansi kwe—kwesihlahla, phandle engadini yomkhiwane, ekhuleka, futhi ngenkathi uFiliphu efika kuye, wathi kuye, emva komkhuleko wakhe, "Woza, ubone ukuthi ubani esiMfumene!"

Manje, khumbulani, hhayi uDkt., Ph.D. Niyabo? Hhayi indoda enosiyazi wezenkolo omkhulu. "Simfumene uMesiya, othiwa uKristu."

Wathi, "Awu, Ungubani Yena na?"

Wathi, "UJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa."

106 O manje, lokho kwayishaya ngempela leyondoda, ngoba yayisizihlanganise kancane—kancane nebandla, ngoba yayingeyomthetho, futhi yathi, "Manje, kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na?"

107 Ngamany'amazwi, "Ingabe umuzi o—omncane ompofu kanjalo, noma izinga elimpofu labantu ophuphile no—no—nokukhulunywa kabi ngawo, waziwa kulolonke izwe lakithi elihle njengendawo embi, abazi lutho, futhi bangababulali, nemigulukudu, kanjalonjalo, kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na?"

108 Futhi ngifisa sengathi wonke umuntu ubengathatha lesisimo sokuziphatha, into efanayo ukuthi. . .noNath-. . .ukuthi yena, uFiliphu, watshela uNathanayeli, wathi, "Woza, ubone."

Nakho lapho okhona, “Ungahlali ekhaya futhi ugxeke, woza uzozibonela.”

109 Ngasendleleni, ngifisa sengathi ngabe ngabezwa bekhuluma, akungabazeki kodwa lokho ababekhuluma ngakho uMesiya ayezoba yikho. Awu manje, uNathanayeli wayeyindoda efundile, awu, wathi, “Akungabazeki, impela, ngiyazi ukuthi i—isibonakaliso sikaMesiya siyoba yini, ngoba Uyoba ngumProfethi.”

Manje, mhlawumbe ingxoxo yabo yahamba into ekanje: “Uyamkhumbula umdobi omdala, ezansi lapho, ogama lingu—nguSimoni na?”

“Yebo, ngiyamkhumbula.”

“Awu, uyakhumbula wayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe erisidini ngenhlanzi yakho.”

“O, impela. Ngiyamazi yena nobaba wakhe, futhi.”

110 “Wenyukela phambi kwaloMuntu manje, ovela eNazaretha, lomProfethi waseGalile, futhi masinyane nje esengene eBukhoneni baKhe, Wamtshela ukuthi igama lakhe kwakunguSimoni nokuthi yena wa-. . . igama likayise lalinguJonase. Bekungeke kungimangaze kodwa ukuthi Ubeyokutshela ukuthi ungubani.”

111 Awu, kwakuzoba nzima kuFiliphu ukukholwa lokho. Kodwa manje, khumbulani bangane, ngithini na? Yini engizama ukuyiletha kini na? Wazi kanjalo-ke umphakathi ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sikaJesu, uMesiya.

112 Manje, ngingabeka inselelo kulokho: Akekho ongaphikisa lokho, lelo yiqiniso, kwakuyisibonakaliso esasizoba noMesiya.

113 Awu, kwathi nje uFiliphu angakhuphukela eBukhoneni baKhe, futhi eletha uNathanayeli, uJesu waphenduka futhi wambuka, wayesethi, “Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!”

114 Lokho nje kwalithobisa lelilunga lebandla. Wayengazi neze lokho . . . Wathi, “Rabi,” (okusho ukuthi, “mfundisi,”) “Ungaze nini na? Awukaze ungibone, lesi yisikhathi sethu sokuqala sokuhlangana. Ubungazi kanjani ukuthi izinto ezinjalo bezimayelana nami na?”

Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi ungaphansi kwesihlahla, Ngakubona.” Yonke indlela ukuzungeza leyontaba. Amehlo anje pho! Niyabo? “Ngakubona.”

115 Lalela lesisicaphuno. Khona-ke kwenzekani na? UNathanayeli wawela emhlabathini akungabazeki, futhi wabheka phezulu kuYe wayesethi, “Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli, lowo OGcotshiweyo omkhulu, ngokuba ngiyazi ukuthi imiBhalo yasitshela ukuthi

leso kuyoba yisibonakaliso sikaMesiya. UNguye ngempela esimbhekile."

116 Awu, uma loyo kwakunguYe izolo, Ezazisa kubantu baKhe, awu, Unguye namhlanje, umBhalo uthi Unguye.

117 O, kusobala manje, kwakukhona labo ababemi lapho ababengakukholwa lokho, futhi babengawokuqina amakho- . . . , e, elomthetho lokuqina, bafunda befulathelise imihlane yabo, nezingubo zabo ezinde nakho konke, befake imishuqulo yabo emikhulu kanjalonjalo, nalo lonke ibhanela lezenkolo nombhedesho ababengaba nawo.

118 Bemi lapho neziqu ezinkulu emagameni abo nezinto ezinjalo, nebandla labo likhona, bazi ukuthi babezoziphendulela ebandleni labo ngalokho, babengeke bakuphikise, nakho kwakulapho, isimangaliso senziwa, into ethize yayifanele icashunwe. Futhi bathini na? Bathi, "Lomuntu unguBelzabule, induna yamademoni, umbhuli, ufunda izingqondo zabo."

119 Manje, ngenkathi be . . . abakushongo kuzwakale, bakucabanga enhliziyweni yabo, iBhayibheli lasho, noJesu, ebona imicabango yabo, waphenduka wayesethi, "Ngizonithethelela ngalokho, kodwa ngoluny'usuku uMoya oNgcwele uyeza, futhi ngenkathi Efika Uyokwenza into efanayo, nokukhuluma izwi elimelene naWo akusoze kwathethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo." Ngakho niyabona ukuthi simi kuphi-ke, ngalolusuku.

120 "Emva kokufa kukaJesu Kristu nokugxoba iGazi lesiVumelwano, esangcweliswa ngalo, futhi baKubize ngento engcolile, futhi bahlambalaza imisebenzi yomusa, akusekho umnikelo ngesono." AmaHeberu isahluko 6. Ngakho niyabona ukuthi sikuphi, senza ukuhlambalaza kuyo kanye imisebenzi yomusa esibizele ekungcwelisweni, niyabo, sikhuluma izwi elimelene naKho.

121 Manje—manje, Wafika kuphi na? "Weza kwabaKhe uQobo." Ubani owayengowaKhe uQobo na? AmaHeberu, amaJuda. Manje, kwakukhona—kwakukhona ezimbili izig- . . . kuhlala njalo kunezigaba ezintathu, hhayi *izigaba*, bengingeke ngakusho, izinhlanga zabantu emhlabeni. Sonke sisukela emadodaneni kaNowa: uHamu, uShemu, noJafete. Manje, lelo kwakuyiJuda, oweZizwe, nomSamariya.

122 Manje, kulababefundisi abahlezi emva kwami lapha, futhi mhlampe abanye abahlezi phambi kwami, sonke siyazi ukuthi uPetru wanikwa izihluthulelo zoMbuso, ukuze nginiqondisele lokhu ngomusa kaNkulunkulu, uPetru wanikwa izihluthulelo zoMbuso.

123 Manje, ngoSuku lwePhentekoste, kwaba nguye owavula uMbuso kumaJuda, siyakuvuma lokho. Futhi ngenkathi uFiliphu ehla futhi washumayela kumaSamariya futhi wawabhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, uMoya oNgcwele

kuphela owawungakafiki phezu kwabo, kepha nokho uFiliphu wayenoMoya oNgcwele, ngakho bathumela phezulu ukuba balande uPetru, futhi yena noJohane behla futhi babeka izandla phezu kwabo, futhi bemukela uMoya oNgcwele. Ngabe kunjalo na? Kulungile.

124 Manje-ke sithola ukuthi wayephezu kwendlu ngoluny'usuku, enombono, noKorneliyu wayekade enombono, owayengoweZizwe, futhi bamthumela enhla endlini kaKorneliyu, futhi lapho wavula iVangeli kwabeZizwe. Nampo abantu bakho abathathu: abantu bakaHamu, uShemu, noJafete. Umphostoli akaphindanga wasetshenziswa, izihluthulelo, ukuvula eMbusweni, ngoba kwakungokwawo wonke umuntu ngaleyonkathi.

125 Manje, siyaqaphela ngenkathi Efika, kwakukhona abeZizwe, thina, i-Anglo-Saxon, sasingambhekile uMesiya, sasingabahedeni, amaRoma kanjalonjalo, sikhonza izithombe. Kodwa kwakukhona izigaba ezimbili zabantu, noma izinhlanga ezimbili, ziMbhekile, lowo kwakungumJuda nomSamariya, nomSamariya wayengumJuda noweZizwe uhhafu.

126 Manje, lalelisisani manje, ukuze ningakugeji. Manje, labo, Uza kuphela kulabo abaMbhekile. Ake ngikuphinde lokho, ezethamelini kulobubusuku, uma ulapha njengomgxeki, uma ulapha njengongakholwayo, Akasoze akuthinta, uyakukhuza kuphela, kodwa Uza kulabo abaMbhekile, abangabakholwayo. Akukho-ndawo emiBhalweni lapho Ake afika khona noma ngayiphi enye indlela, kuphela kwababakholwayo, yilapho Athembisa ukuhlangana khona. Ukwenza ukuphulukisa kwaKhe, Wasusa i—indoda eyimpumputhe kwabangakholwayo, ngaphandle komuzi, ukuphulukisa amehlo ayo.

127 Uza kwabakholwayo kuphela. Ngakho, abeZizwe ngalolosuku wayengabheke-Mesiya, kodwa amaSamariya namaJuda ayembhekile. Futhi ngenkathi Efika kumaJuda, Waveza obala isibonakaliso saKhe njengoMesiya, nabakholwayo beqiniso bakuqonda ukuthi kwakunguMesiya, ongakholwayo wakwenqaba futhi waqalekiswa ngakho.

128 Manje—manje, si . . . siyathola-ke kuJohane oNgcwele isahluko 4, Wenyukela manje e, eSamariya, emzini waseSikari, futhi lapho Efika phezulu lapho, Uthuma abafundi baKhe ukuba bayothenga ukudla. Futhi ngenkathi besahambile beyothenga ukudla, kwaphuma owesifazane, owesifazane onegama elibi, futhi waye . . . wayenamadoda amaningi, futhi waphuma ukuyokha amanzi, noJesu wathi, "Sifazane, Ngiphuzise."

129 Futhi uthi, "Umthombo ujulile, futhi ngaphandle kwalokho, sinokwehlukana lapha, lapho . . . nina—nina maJuda anifanele nicele thina maSamariya izinto ezinjalo, akusilo isiko ukuba owesilisa oyiJuda acele owesifazane ongumSamariya."

Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye," niyabo, "ubuyocela kiMi amanzi."

130 Ingxoxo, Wayenzani na? Ukubamba umoya wakhe. Ekugcineni, Wathola ukuthi inkathazo yakhe yayiyini, futhi Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho, futhi uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

131 Wathi, "Usho kahle. Ngokuba ubunamadoda ayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho. Futhi kulokho usho kahle."

132 Bhekisisani lowo wesifazane, lokhu ngukusola kubantu balolusuku, lowo wesifazane uyovuka ekwaHlulelweni futhi alahle lezizizukulwane, lesosifebe esinegama elibi sasukuma futhi sathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Thina, siyazi, sifundisiwe ukuthi uMesiya, obizwa ngoKristu, OGcotshiweyo, nxa Efika, Uyokwenza lezizibonakaliso. Kodwa Wena unguBani na?"

UJesu wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

133 Phezu kwalokho, washiya imbiza yakhe yamanzi wayesegijimela emzini wayesethi, kubantu bomuzi, "Wozani nibone uMuntu Ongitshele engikwenzile. Akuyena yini Lona impela uMesiya na?"

134 Manje, bazalwane nodade baseCanada, asingabi ngabantwana, asibuke iBhayibheli, uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya izolo, kubo bobabili umJuda nomSamariya, bekungebe yisibonakaliso esifanayo sikaMesiya koweZizwe na?

135 Manje, kamuva . . . Yayingakaze yenziwe leyomisebenzi phambi kwabeZizwe ngalezozinsuku. Kodwa ake ngiqedele ukufinyelela koweZizwe. Manje, siyazi ukuthi sesibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili ngaphandle kokuqoshwa noma kuphi nhlobo kwalezozimangaliso emva kwePhentekoste.

136 Sibe nokuhlukana okukhulu kwamabandla, uMartin Luther omkhulu, uJohn Wesley omkhulu, futhi ngike ngaba sezindaweni zabo futhi ngama epulpiti likaWesley, ngicabanga ngalokho manje, kuphezulu eceleni, lapho ashumayela khona emakhulwini ayishumi nanhlanu njalo ekuseni, nangasethuneni lakhe, noMama uSusanna, nakuzozonke izingxenye ezehlukene zezwe namadoda amakhulu kanjalonjalo, kodwa bangane, asikaze kusukela ezinsukwini zabaphostoli nokufa kulowomnyakazo wasekuqaleni wobuphostoli, kwehle kuye cishe kuyofika e—maphakathi nebandla . . . ikhulu minyaka lesithathu emva kokufa kukaKristu, sesake saba nalomnyakazo ozayo.

137 Manje, iBandla laphuma e . . . Lokho kwakungukuphuma eBandleni lababaphostoli, futhi lazalwa eminyakeni engamakhulu amaningana, cishe iminyaka engamakhulu ayishumi lapho,

noma ngaphezulu, yezikhathi zobumnyama nje, ibizwa kanjalo. Khona-ke ku, *lolu*hlangothi lwaphuma enguqukweni yokuqala, okwakunguMartin Luther, khona-ke kufika uJohn Wesley, besekе kuba ngumnyakazo wePentecostal. Kulonyaka lapha, esiphila kuwo, ngukubuthana konyaka webandla.

138 Manje, qaphelani, uma uNkulunkulu enguNkulunkulu ongenakuphosisa, uma EnguJehova oMkhulu, Angeke aphatha omunye umntwana ngenye indlela, nenye, omunye umntwana, ngenye indlela, nalokho Akwenza kubo, Ufanele akwenze kithi, kungenjalo bathole into esingayitholanga. Ngakho uma Ededela iBandla lingene nje esayenseni yezenkolo ejwayelekile, Walishintsha kancane iBandla labeZizwe, futhi, ngenkathi Ethembisa ukuthi UyoLinikeza *okuningi* kunalokho ababenakho emuva lapho, ngakho kukhona okungalungile ndawondawo uma singakwemukeli.

139 Kodwa lalela, mfowethu, dadewethu, ungakuvumeli kweqe ikhanda lakho, njalo kunqamula phezu kwekhanda labantu, futhi abazi lutho ngakho. Ababaqondi neze abaprofethi ngezinsuku zabo baze bafa, kanjalo abakaze baqonde uJesu Kristu eyiNdodana kaNkulunkulu waze Wafa, wembelwa, futhi wavuka futhi, kungaleyonkathi lapho iBandla liqala ukuqonda ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu.

140 Bukani uPatrick oNgcwele nabaningi babangcwele baloluhlangothi. Bukani uJoan ka-Arc, nina bantu abangamaKatolika lapha, bukani uJoan ka-Arc. Nambiza ngokuthini na? Ibandla lenu lamshisela esigxotsheni njengomthakathikazi, ngoba yena ubone imibono futhi wakhulekela abagulayo, futhi khona-ke nithi wayengumthakathikazi futhi namshisa esigxotsheni, nalowo wesifazane ekhalela umusa.

141 O, into ethize ngaphezu kweminyaka eyikhulu kamuva, naqonda ukuthi wayengongcwele. Nenzani ngokuphenduka na? Namba lowomzimba wabapristi owayemshisile nase niwuphosa olwandle. Kodwa niyabo, yena weqa ngqo phezu kwamakhanda enu, uNkulunkulu wamthatha futhi aniqondanga.

142 Kunjalo kuyo yonke iminyaka, "Uyakufihla emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi uyokwembulela izingane, ezithobekile futhi ezizofunda." Ngakho asivuke, mfowethu, dadewethu, asithathe isicaphuno sikaJesu umzuzwana nje ngaphambi kokuba sibize umugqa womkhuleko, uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

143 Ake sibhekisise ukuthi lokho kusho ukuthini, "Izinsuku zaseSodoma," izinsuku zaseSodoma kwakukhona izigaba ezintathu zabantu: owaseSodoma; ilunga lebandla elisivivi, okwakunguLoti nezwe; futhi kwakukhona u-Abrahama, iBandla elikhethiweyo, elibizelwe ngaphandle, ezihlalele yedwa

phezulu entabeni, ethatha indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi, ethola izinto ezincane zomhlaba, kodwa wayeyinceku kaNkulunkulu.

144 Manje, uNkulunkulu wehla ngesimo seziNgelosi ezintathu, ezimbili zaZo zehlela eSodoma futhi zashumayela futhi zabiza uLoti waphuma eSodoma ngaphambi kokushiswa kweSodoma. Manje, bhekisisani ukuthi Wabhekisela kanjani kulokho manje, esikhathini sokwehla koMlilo.

145 Futhi uma si—si—uma sisengqondweni yethu ekahle, singayibona leyondoda ekuzuzeni ngempumelelo kwayo ukuba ithumbe izwe, izuze okuthize okuzobhubhisa izwe nayo uqobo ngakho, ama-atomu namahayidrojini, amabhomu. Futhi bekungenzeka ngaphambi kokuba kuse, bekungenzeka emizuzwini embalwa, umhlaba wonke ungahle ungene kuleziziputniki bese uthi nje, "Awu, ufuna ukubhubha, noma ukuzinikela na?" Besiyokwenzenjani na? Niyabo?

146 Futhi kulele ezandleni zamadoda anesono. Uma-ke kwenzeka omunye umuntu aphuze ugologo omningi kakhulu ngoluny'usuku, futhi adedele omunye waleyomicibisholo ejikijelwayo na? Sonke isizwe sinayo ilungele, ukuba nje idonswe. Ngani, izwe belingeke lisinde kukho.

147 Futhi yilokho impela uNkulunkulu aprofetha ukuthi kuyokwenzeka, "Amazulu nomhlaba kuyosha futhi kushe ngokushisa okuvuthayo." Wathi, "Ngaphambi kokuba lolosuku olukhulu nolwesabekayo lweNkosi lufike, izwe liyoshiswa ngomlilo," uMalaki 4. Futhi wathi, "Olungileyo uyakuhamba phezu komlotha," imilotha yentaba-mlilo, "yababi," esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Kunjalo.

148 Kodwa ngaphambi kokuba lolosuku lufike, Wathi, "Ngiyakuthuma u-Eliya ozobuyisela ukukholwa kwabantu kubuyele kubaba-. . . " [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

149 Kwakuyisifanekiso sani na? UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Manje, uSara, umkakhe, wayesemdala, u-Abra-. . . wayekade engu-*Abrama*, ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kwalokho, kodwa igama lakhe laguqulwa laba ngu-*Abrahama* nguNkulunkulu, ngenkathi uNkulunkulu ekhulume naye embonweni.

150 Kodwa lapho iNgelosi ihlezi ifulathele ithende, Yathi, "Abrahama, uphi umkakho uSara na?" U-S-a-r. . . S-a-r-a, wayengu S-a-r-a-y-i, uyazi. Ngakho Wathi, "Uphi umkakho uSara na?"

Wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

151 Wathi, "Abrahama, angizukukufihlela lokhu, kodwa uNgethembile manje iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, futhi Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila."

152 Ngifuna nina bantu, njengezethameli ezixubile, ukuba—ukuba nihluze ingqondo manje, ukuba, njengoba ngizwakalisa lokhu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . yaphendukela ethendeni, yathi, "Uhlekeleni uSara, ethi, '*Ukuthi-nokuthi.* Zingenzeka kanjani lezizinto na?'"

153 Manje, bukani, nibone ukuthi uJesu wathini, manje, bhekani i—incazelo, "Ngaphambi kokuba usuku lweNkosi lufike . . ." Ngosuku lokufika kweNdodana yomuntu, uNkulunkulu uyoba seBandleni enza isibonakaliso esifanayo kubantu, eBandleni eliKhethiwe, njengoba Enza ku-Abrahama ngaphambi kokushiswa kweSodoma, futhi qaphelani lesosibonakaliso, sona impela isibonakaliso esifanayo uJesu asenza ngenkathi Elapha emhlabeni, sethenjiswa ngezinsuku zokugcina.

154 Ngakho, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." UbungaMazi kanjani na? NgokwemiBhalo, ngenkathi Ezazisa kumaJuda, WayengumProfethi owayazi imfihlo yenhliziyo yabo. Bangaki abazothi, "Yiqiniso lelo"?

155 Ngenkathi Ezazisa Yena uqobo esizweni samaSamariya, Wazenza waziwa njengomProfethi, nowesifazane wangena wayesetshela amadoda omuzi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini Lona impela uMesiya na?" Manje, ake ngithathe ivesi elilandelayo, neBhayibheli liyasho ukuthi umuzi wonke, sonke isizwe lapho, sakholwa kuJesu, ngenxa yalokho okwashiwo ngowesifazane, ngezwi lowesifazane.

Cabangani, Wenza lesosibonakaliso ngesinye isikhathi, futhi sakuxazulula zonke izikhathi, bathi, "Yena unguMesiya," ngoba Wenza isibonakaliso sikaMesiya.

156 Manje, khumbulani, manje, kulolu izinsuku zokugcina, qaphelani, hhayi uJesu lapha emhlabeni esemzimbeni wenyama, kodwa uMoya kaJesu enyameni yomuntu, uyigatsha eMvinini, uyokwenza into efanayo enyameni yomuntu.

157 Lapho iBandla liyobuthana ndawonye, Uyozenza aziwe Yena uqobo ngaLo, ngakho uma Ubengangena kulelibandla kulobubusuku, futhi enze leyonto efanayo, besingephakamise izandla zethu futhi sibonge uNkulunkulu, njengoba kwenza lawomaGreki na? "Simbonile uJesu." Yilokho Ayeyikho, yilokho Ayikho, uma Enguye izolo, namuhla naphakade. Ngabe yiqiniso lelo na? Bangaki abangathanda ukuMbona na?

Asikhothamise amakhanda ethu.

158 Nkulunkulu onoMusa noNgcwele, lona u—umzuzwana omkhulu, lona umzuzwana lapho okungahle kusho umehluko phakathi kokuphila nokufa kubantu abaningi. Kungahle kube ngalomzuzwana ukuthi kuzoba khona omunye ohleziyo ongaba ngogxekayo abangahle bazehlukanise iPhakade noNkulunkulu. Kungahle kube khona oyedwa lapha, Nkosi, obegxeka futhi obengaba yikholwa futhi abe nokuPhila okuPhakade.

159 Kungahle kube nalabo, Nkosi, lapha abagulayo futhi kade eya esontweni na—abelusi abathembekile ubagcobe ngamafutha futhi wabakhulekela, futhi abakwazanga ukubamba ukukholwa ukuba baphulukiswe. Kwangathi kungafezeka, Nkosi, ukuthi bazobona ukuthi yena impela uKristu umelusi wabo akhulume ngaye, manje usethe ukuphakama kancane kanye nathi, noma, ukusondela kancane kithi, ukusondela kancane, futhi Uzozazisa phakathi kwethu, kulobubusuku, khona-ke bangabamba ukukholwa ukuba babone, "Yebo, uJesu ulapha, Uphakathi kwethu. NgiyaMkholwa njengoMphulukisi wami, njengoMsindisi wami."

160 Futhi khona-ke bangahamba befakaza, benza ubufakazi babo buzwakale. Futhi Ungaba ngumPristi oMkhulu, futhi Wena ungumPristi oMkhulu wokuvuma kwabo manje, lapho ngokweqiniso, ngokusuka enhliziyweni yabo, bengakholwa ukuthi Wena uwenzile umsebenzi. Siyazi mayelana nomsebenzi qobo lwawo, usuvele uqediwe, kodwa ukufanela ukukholwa ukukukholwa! "Konke kuyenzeka kwabakholwayo."

161 Manje, Nkosi Jesu, bengingangcono ngibe phandle osebeni lomfudlana *lapho*, ngiphumule ndawondawo ngidoba, noma mhlawumbe ngihlezi phansi ekhaya lami nomfanyana wami, lapha namhlanje ngosuku lwakhe lokuzalwa, ingane yami eneminyaka eyisithupha ubudala, uJoseph. Bengingathanda kanjani ukuba naye ethangeni ami kulobubusuku, ngibona lawomehlo amakhulu engibuka phezulu futhi athi, "Babayi," injabulo Ongiphe yona yeminyaka yami ephakathi nendawo. Bengingangcono ezansi *lapho* kumbe nomaphi kunokuba ngibe lapha kulelibandla, ngizama ukukhohlisa abantwana bakaNkulunkulu.

162 Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi ngandlela thize, ukuthi ngamunye lapha uzokwazi ukubamba lamazwi ambalwa aqotshiwe, Baba. Angahle ukuba ahlakazekile, angahle ukuba abe. . . angabholelwe ezinhliziyweni, njengoba okusanhlamvu ngokuvamile kubholelwa, kodwa uma ebehlakazekile, kwangathi angawela emhlabathini Owuhlinzekile, nemiphumela nodumo kuyoba ngokwaKho, Baba, njengoba thina kulelibandla, mina nalelibandla, sizinikela kuWe.

O, woza, Nkosi Jesu. Asibaningi ndawonye kulobubusuku, kodwa Wethembisa abathathu, futhi singaphezu kwalesosibalo.

163 Futhi kwangathi lapho sesisuka lapha kulobubusuku, siya emakhaya ethu ehlukene endleleni, kwangathi singasho njengalabo ababevela e-Emawuse, emva kokuvuka. Futhi ngalokho kusa kokuqala okukhulu, izithombo zonke zase ziqhakazile, nokuPhila kwase kuqhakazile, futhi wahamba naYe eceleni komgwaqo, uKleyophase nomngane wakhe. A—abazange baqonde ukuthi WayenguBani, kodwa-ke ngesikhathi sokuhlwa,

cishe ngalesisikhathi mhlasimbe, ngenkathi bebuthene endlini yezihambi, Wenza into ethize njengoba nje Enza ngaphambi kokuba Abethelwe, futhi babazi ukuthi akekho omunye owakwenza ngaleyondlela ngaphandle kwaKhe, namehlo abo avuleka, futhi baqonda ukuthi KwakuyiNkosi yabo, futhi Yanyamalala emehlweni abo.

Ngokushesha, bagijimela kwabanye abafundi base bethi, "Ngempela, Ivukile." Baba, ngikhulekela ukuthi lokho kuzoba ubufakazi bethu kulobubusuku.

164 Manje, ngikhulume ngalokho Owawuyikho ezinsukwini ezedlulayo. Nalababantu baphakamise izandla zabo ukuthi bebefuna ukubona Wena. Manje, makube yilokho kithi kulobubusuku, Nkosi, ukugcwalisa iZwi laKho, kuhambisana neZwi laKho.

165 Ngenkathi Wawulapha emhlabeni, Wathi Waphulukisa, ngoba kwakungukugcwalisa lokho abaprofethi ababekukhulume ngaWe, futhi khona-ke, Baba, kulobubusuku, Wethembisa lezizinto futhi, ngalolusuku lokugcina, ngakho ngikhulekela ukuthi Uzogcwalisa iZwi laKho kulobubusuku. Siphe khona, njengoba sizinikela kuWe. EGameni likaJesu Kristu, siyakucela. Amen.

166 Ngiyabonga ngomusa wenu wokungilinda isikhathi eside kangaka. Futhi manje, thina, kusasa ekuseni, siza ngaphambi kwesikhathi ekudleni kwasekuseni.

167 Bese kuthi-ke, angizukunihlalisa isikhathi eside kakhulu, kodwa nje sizobiza, ngiyakholwa . . . O, lindani, ngi . . . Niwakhiphile amakhadi omkhuleko na? Yebo. Kulungile. Yena uthi ukhipha amakhadi omkhuleko. Bekuyiliphi na? O-A noma o-C? O-C. Awu, kulungile. Kusukela kwelokuqala kuya ekhulwini na? Kulungile. Ake sibize nje umugqa omncane womkhuleko esikhashaneni. Nje ngi . . . ngenza . . . ngizama ukubona ukuthi yiyiphi indlela Azongitshela ukuthi ngiqale kuphi phakathi lapho, ukuba ngiqale ngakuphi. Futhi nje makufike emqondweni wami futhi khona-ke ngizo . . . Ngeke silethe abaningi kakhulu.

168 Kodwa kulokhu nje: Uma—uma Yena, uma uKristu ezofika phakathi kwethu futhi afakazise ukuthi Ulapha, ukuthi Akafile kodwa Uyaphila, bekungeke yini lokho . . . ? Besingeke yini sibe nokukholwa okungako njengalesosifebe esimpofu saseSikari na? Besingesho yini kithi uqobo, njengabakholwayo abangamaKristu, "Qiniso, Lowo nguMesiya, ngoba Wakwethembisa." *Nanti* iZwi elisho njalo, futhi nangu Ukhona, khona lapha nathi namhlanje, ukwenza lokho.

169 Ngakho-ke, bangane, ngifuna nazi uma bengingaphumela lapho futhi, ngisho lokhu ngenhlonipho yokuzithoba, hhayi ngokuhlekisa, kodwa ngenhlonipho yokuzithoba, futhi ngibeke i—ikwata emgwaqeni, bese ngiliphusha ngekhala lami ngehla

ngqo emgwaqeni omkhulu lapha, futhi ngehla ngidabula idolobha ngiphusha lelokwata ngekhala lami, ngezandla zami namadolo, ukukubona usinda, bengizoqala khona manje, futhi ngamalambu akhanyayo, bengiyokufuqa ubusuku bonke ukukubona usinda.

170 Manje, ngempela ngiqonde lokho, kade ngigula, ngiyazi ukuthi ukugula kuyini. Kodwa lokho bekungeke kusebenze, usuvele uphulukisiwe ngemivimbo yaKhe. Mina ukuba ngibeke izandla phezu kwenu na? Noma abefundisi babeke izandla phezu kwenu na? Lokho kulungile, kodwa lokho akudingekile, into kuphela ofanele uyenze ngukwemukela lokho Asevele ekwenzele khona. Niyabo?

171 Futhi manje, i. . . abazalwane bethu lapha ukushumayelile kini ngokuzwakalayo nangokusile, ukuthi Yena unguKristu, futhi nikukholiwe futhi nemukela insindiso. Futhi niyayibona imiphumela, ukuthi nanijabule kanjani na? Awu manje, into efanayo izoba ngokuphulukisa noma insindiso nayo, nifanele nikhumbule, imisebenzi isivele iqediwe. Manje, sizocela nje uma wonke umuntu ezoba nenhlonipho yokuzithoba nje.

172 Manje, uma uBaba wethu oNgcwele ezopha uBukhona boMoya waKhe, futhi, ukwenza imisebenzi efanayo lapha phambi kwenu, bangaki phakathi lapha abangakaze bakubone lokho kwenziwa empilweni yenu na? Ake sibone izandla zenu—zenu ziphakama. Yonke indlela phezu kwesakhiwo, awukaze ukubone kuyo yonke impilo yakho. Niqonde ukuthi kunabantu ababili kuphela abangak-. . .?

173 Bangaki lapha ongakaze abe komunye wemihlangano yami, phakamisa isandla sakho? Awukaze ube kowodwa weyami imihl-. . . Awu, nakubona kuphi kwenziwa-ke na? Ngi . . . Manje, kukhona okungalungile ndawondawo. Impela, ngikholwa ukuthi niqotho. Nina . . . Awu, mhlawumbe nikwenzile, ngakho ngi—ngiyabonga ngalokho.

174 Kodwa, ngikholwa ukuthi kukhona okungalungile ndawondawo, ngoba lokho akuzwakalanga kahle, ngakho mhlawumbe aningiqondanga nje. Ngiyaqaphela ngezinye izikhathi phakathi lapha, sinabaseNorway, abaseSwidi, nokunye okuningi, ngakho ukuthi aba, mhlawumbe abasiqondi isiNgisi kahle kakhulu, ngakho mhlawumpe . . . Kodwa nikuqondile ngokwesibili. Ngakho bangaki abathanda iNkosi na? Ngizokusho kanjalo. Manje, sonke siyayithanda. Kulungile, mnumzane.

175 Manje, ake sibone. Nithe u-C, owokuqala kuya ekhulwini na? Asiqale kusukela kwelokuqala-ke. Ikhadi lomkhuleko u-C, elokuqala. Ingabe wena . . .? Ubani o, onalelokhadi lomkhuleko na? Ubunga . . .? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Kubukeka sengathi bonke, wonke umuntu angahamba, ngakho ngizo, esikhundleni sokuthatha . . . ngehlela lapho kokhubazekile, ngizovele nje ngibenyusele lapha.

176 Manje, ngingathanda ukusho into eyodwa kinina phandle lapho: Bangaki owaziyo ukuthi umBhalo uyasho ukuthi uJesu Kristu, khona manje, ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Sonke siyavumelana kulokho, ya. Kulungile.

177 Manje, leyo yiNcwadi yamaHeberu. Yena—Yena uYini na? UmPristi oMkhulu. Ngabe Yena ungumPristi oMkhulu ofanayo Ayenguye ngenkathi Elapha emhlabeni na? Ngabe Yena usenguye na? Manje-ke Ubeyokwenza kanjani ebupristini baKhe uma EngumPristi oMkhulu ofanayo obenguye izolo na? Uma Enguye namhlanje, Ubeyokwenza ngendlela efanayo, ngabe kunjalo na?

178 Bangaki oyikhumbulayo indaba yowesifazane onomopho, owafika wathinta umphetho wengubo yaKhe, ethi uma engathinta ingubo yaKhe uyosinda na? Niyayikhumbula indaba na?

179 Manje, manje, bhekani lokhu, manje-ke mhlampe, asikusho nje okwe—inhloso yephuzu, wayengenalo ikhadi lomkhuleko, akakwazanga ukusukuma asondele kuYe, kodwa wathi, "Ngi—ngi—ngiyakholwa uma ngingathinta ingubo yaKhe, ngizosinda." Ngakho uhamba ethi nyelele aze athinte ingubo yaKhe. Ngokomzimba, Wayengeke akuzwe, ngoba ingubo, ingubo yasePalastine, ilenga ngokukhululeka nengubo yangaphansi.

Ngakho manje-ke owesifazane . . . Owesilisa . . . Kodwa Wama, Wayesethi, "Ubani oNgithintile na?"

180 Futhi umphostoli uPetru waMkhuza ngokushesha, esho into enjengale: "Kungani Usho into enjengaleyo na? Wonke umuntu uyaKuthinta, 'SaWubona? Ngabe Wena ungumProfethi na? Ngabe Wena—ngabe Wena unguMshumayeli na? Ngabe Wena . . .? Siyajabula ngempela ukuhlangana naWe. Yiba . . . Ngithanda ukuba naWe ngapha, Mfundisi ohloniphekile,' kanjalo, wonke umuntu." Wathi, "Futhi uthi, 'Ubani oNgithintile na?' Ngani, akuzwakali kusile," uPetru angahle ukuba washo.

Ngakho uJesu wathi, "Kodwa Ngiyabona ukuthi kuphumile amandla kiMi." Ngabe kunjalo na? Manje, amandla ngukuqina, ngamany'amazwi, "Ngibe buthakathaka." Niyabo?

181 Manje, ngenkathi lokho sekwenziwe, uJesu wabuka phezu kwezethameli, lalelisisani manje, uJesu wabuka phezu kwezethameli zaKhe, mhlawumbe njengokuma lapha, mhlawumbe okukhulu ngokwedlulele, mhlawumbe hhayi okuningi kangako, kodwa Wabuka ezethamelini waze Wamthola owesifazane, futhi wamtshela ngomopho wakhe, futhi wathi

wase unqamukile, ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Ngabe kunjalo na?

182 Awu manje, uma EyilowomPristi oMkhulu ofanayo, umPristi oMkhulu ofanayo, futhi wena ohlezi phandle lapho ongezukuba kulomugqa womkhuleko, ubungeMthinte ngokukholwa kwakho na? Ubengeke yini enze ngokufanayo uma EngumPristi oMkhulu ofanayo na? Ngabe lokho kuzwakala kunengqondo na? Phakamisani izandla zenu, wonke umuntu esakhiweni. Niyabo, nginitholela e. . . ukuthola umusa kaNkulunkulu uma ngingakwazi, ukunibonisa ukuthi kuyiqiniso, ubone ukuthi usabela kanjani kukho. Niyabo? Bekuyofana.

183 Manje, nina phandle lapho nithi, "UMfowethu Branham akazi neyodwa into ngami, uyisihambi ngokuphelele kimi, akangazi, kodwa Nkosi, Uyazi ukuthi yini engalungile ngami, ngakho uma nje Uzoba naye. . . Ngifuna ukuKuthinta, Jesu. Ngingaba—ngibe nokuphulukiswa kwami kulobubusuku na?" Bese-ke uthi, "Khuluma ngoMfowethu Branham futhi umvumele aphenduke futhi angitshele." Khona-ke nibone uma Ekwenza.

184 Bekungeke yini kumangalise lokho na? Bekungeke yini lokho kube. . .? Lokho bekungenza ubuKristu bufane. . . Niyazi, onkulunkulu abaningi abakhulu bakaBuda, na—nawo onke amaSikh, namaJain, kanjalonjalo bezinkolo ezehlukene, futhi bonke abaqambi babo bafile futhi basethuneni, kodwa sinethuna elingenalutho, ubuKristu. INkosi yethu ivukile kwabafileyo, futhi Inathi ngqo, iphila kithi, izikhombisa Yona uqobo ngobufakazi obungenakuphosisa ukuthi IngukuVuka nokuPhila. Ivukile kwabafileyo.

185 Manje, okulandelayo kuzofanele kube nguNkulunkulu, lokhu kukude lapho ngingahamba khona, noma ubani uyakwazi lokho, okulandelayo kuzofanele kube nguNkulunkulu. Manje, awu . . . Yima nje khona lapho, Nenekazi, kuzolunga manje.

186 Manje, nakhu kumi inenekazi eli—eliyisihambi kimi. Kambe, ngithanda ukubuza lokhu: Bangaki phakathi lapha abayizihambi kimi, ukuthi uyazi ukuthi angazi lutho ngawe na? Phakamisa isandla sakho, wazi ukuthi. . . nje rai-. . . emgqeni womkhuleko, ngamunye wenu emgqeni womkhuleko, uma nonke niyizihambi. Kulungile, nonke.

187 Manje, ngi—ngiyisihambi nawe, nginabangane ababili noma abathathu lapha, ophezulu lapha eholidini kanye nami, umfundisi ohlezi *lapha* ekhoneni, ovela ezansi e—e-Alabama, futhi nginoMfowethu Sothmann, ungowaseCanada, noMfowethu Tom, ohlezi emuva ngale ku*leli*khona *lapha*, ngale phakathi, *nakho* la bekhona, khona *ngapha* ekhoneni, ngakho ngiyabazi.

188 Manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela nje nawo wonke umuntu esemkhulekweni manje. Manje, lesi yisithombe, into

efana nalokho ebengikukhuluma emizuzwaneni embalwa edlule, ngoJohane oNgcwele isahluko 4, iNkosi yethu yahlangana nowesifazane waseSamariya, owesifazane ongumSamariya emthonjeni. Niyijwayele indaba na?

189 Manje, Yena wayeyindoda, yena engowesifazane, futhi babemile mhlampe, njengoba sinjalo manje, futhi u—umthombo uwuhlobo lwendawo ebonakala ngasikhathi sinye, futhi—futhi Wahamba wayokhuluma naye waze Wathola ukuthi inkathazo yakhe ya-. . .Ake nisho, yenyukani lapha uma ningakwazi, uma ningenandaba, *lapha* nje, ukuze kungeke kube nzima kangako kini.

Ngakho Wakhuluma ko—kowesifazane wayesethi. . . Wayezama ukuxhumana nomoya wakhe, kusobala, ngenkathi Ethi, "Ngiphuzise," Wayexhumana naye.

190 Manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela, ningayaluzi. Niyabo, ngamunye wenu ungumoya, niyakwazi lokho, uma ungenjalo, ufile. Ngakho-ke. . .ngumoya wakho. Futhi yonke imimoya yenu manje ihlangana noMoya oNgcwele. Niyabo, Unozwelo ngempela, futhi Wona, unamahloni ngempela, Uzosuka nje. Niyabo? Ngakho manje nje—nje—nje, hloniphani ngokuzithoba nje futhi nithule njengoba ningenza manje.

191 Manje, niyaqonda, nina maKristu, engimelene nakho na? Nangu owesifazane engingakaze ngimbone empilweni yami. Futhi ngi. . .Siyizihambi omunye komunye. Manje, ukuze nazi futhi niqiniseke, bukani, ngibamba izandla zami, angikaze ngimbone empilweni yami. Ungasiphakamisa nje isandla sakho ukuze babone na? Vele uphakamise isandla sakho ukuze abantu bezobona ukuthi siyizihambi.

192 Manje, engikufundisile kulobubusuku kube ngumBhalo, ukuthi izithembiso zikaNkulunkulu besiyini salolusuku. Manje, nakhu u, ubuKristu bufanele bukhonjiswe kungenjalo ngukukhohlisa. IBhayibheli linephutha noma Liqinisile. UKristu uvukile noma Akavukile.

193 Manje, akunakwenzeka nhlobo kimi ukuba ngazi lona wesifazane, noma yini ngaye, ukuthi ungubani, ukuthi uvelaphi, ukuthi uzele ini lapha, ukuthi yini engalungile ngaye, noma, bekungenakwenzeka nhlobo ukuba mina ngazi lokho. Bekuzofanele kwembulwe ngamanye amandla angaphezu kwemvelo. Sizokwenza sonke, besingathi, "Amen," kulokho. Awu, yikho konke. . .Kuya ngokuthi nje ucabanga ukuthi Kuyini. Niyabo? Lokho kukuwe. Niyabo?

194 Kodwa manje, uma Ubengakwenza, futhi ubeyongitshela into ethize oyizele lapha, noma into ethize ebisempilweni yakho ukuthi uyazi. . .Manje, uma ngithe, "Dadewethu, iNkosi uJesu yangibiza ukuba ngikhulekele abantu abagulayo. Uyakukholwa lokho na?"

Mhlawumpe ubungathi, "Yebo, Mnu. Branham, ngiyakukholwa lokho."

Bengiyothi, "Kulungile, ngi—ngizobeka izandla zami phezu kwakho, futhi ngikukhulekele."

Futhi bengiyobeka izandla zami phezulu, bese ngithi, "Jesu, Jesu Othandekayo, phulukisa lona wesifazane futhi makaphile."

195 Futhi ubuyothi, "Ngiyakukholwa lokho," hamba, ngikholwa ukuthi ubuyosinda. Ngi . . . Ninga—ningakukholwa lokho, nonke na? Impela, besiyokwenza. Niyabo, ngoba ngibuzile. Manje, lelo yiqiniso, lokho bekungalunga. Kodwa manje, ini . . . ?

Uma sihamba sikhuluma ngoKristu ovukileyo nesithembiso sokuzikhombisa Yena uqobo phakathi kwethu, niyabo, khona-ke, manje, lokho kubeka enye into.

196 Manje, nangu Eza lapha futhi angakutshela ukuthi ubuyini, noma yini engalungile ngawe, noma ukuthi ufisani, noma into efana naleyo, into oyaziyo nowaziyo ukuthi angiyazi, nokungazi mina ngiyindoda, bengingeke ngibe nendlela yokukwazi, khona-ke lokho kuyakhombisa uma Azi ukuthi ubuyini, Uyazi ukuthi uyoba yini. Ngabe kunjalo, zethameli na? Niyabo?

197 Manje—manje, nje hloniphani ngokuzithoba ngempela. Ungumuntu okahle. Kodwa mina, ngiza kini ngikhathele kakhulu, Sengibe nezinyanga eziyisithupha ensimini ngaze nje sengizo . . . UMfowethu Mercier uhlangane nami esikhashaneni esedlule, wathi, "Mfowethu Branham, ubukeka sengathi uzoquleka futhi uwe."

Ngathi, "Nginjalo." Niyabo?

198 Izinyanga eziyisithupha zalokhu, ngezinye izikhathi imibono engamashumi amabili namashumi amathathu yobusuku, kuze kuthi nje—nje kungibulale. Futhi khumbulani, oyedwa wenza amandla aphuma kuYe. Ucabanga ukuthi bekungenzani kimi isoni, esisindisiwe ngomusa waKhe na? Kuphela ngoba Wathi, "Eminingi kunale niyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba." UmBhalo ufanele ugcwaliseke.

Manje, uma Ezongichazela ukuthi—ukuthi yini oyizele lapha, uzokwazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha. Niyabo, wena . . .

199 Inenekazi linokuzwa impela kokwazi ukuthi kukhona into eyenzekayo, okungukuthi ikhona, ngibuka ukuKhanya okwehlela ngqo phezu kwakhe. Futhi inenekazi liphethwe ngu—ukwethuka okubi ngempela elifuna ukukhulekelwa khona. Kunjalo. Ukwethuka. Uma . . . Kunjalo, akunjalo na?

200 Futhi khona-ke u—usuzobhekana nokuhlinzwa. Kunjalo lokho. Lokho kungokwesimila. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi isimila sikuphi, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Sisekhaleni lakho. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho.

Manje, uyakholwa na?

201 Manje, kukhona ugcobo lapha ndawondawo. Wena uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo, umuzwa omnandi ngempela, ingabe kunjalo na? Lowo nguKristu, uMoya oNgcwele. Manje, phakamisa isandla sakho nje uma lokho kunjalo, uzwa umuzwa omnandi ngempela. Nakhu.

202 Manje, lolugcobo ngalokhu, ngibeka izandla zami phezu kukadadewethu eGameni likaJesu Kristu, ukulahla yonke imisebenzi kadeveli, ukuba yena aphiliswe. Amen.

UNkulunkulu akubusise, Dadewethu. Hamba, futhi ukuthula kukaNkulunkulu makube nawe.

Manje, uyakholwa ukuthi Uyaphila na? Impela, Uyaphila.

203 Sawubona, Nenekazi? Wena nami siyizihambi omunye komunye, lelo yiqiniso. Isikhathi sokuqala sokuhlangana, kodwa uNkulunkulu usazi sobabili. Uma Ezongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uzokholwa.

204 Awukho lapha ngesingawe, umele omunye umuntu lapha, umngane uhlushwa ubuhlanya. Lelo yiqiniso, akunjalo na? Uyakholwa ukuthi bazosinda na? UNkulunkulu akubusise. Hamba, futhi kwangathi ukuthula kukaNkulunkulu kungaba nawe, nalokho okukholwayo, kuzoba ngaleyondlela nje.

205 Woza kulokhu...?...Sawubona? Uyakwazi ukukhuluma isiNgisi na? Ingabe wena ungumNdiya na? [Udade uthi, "Qhabo, ngingumJuda."—Umhl.] UmJuda. Lokho kukahle kakhulu. O, ufanele...Lapho okuhle. Nakhu la sikhona. Ukhuluma isiHeberu na? IsiYiddish na? Nakhu lapho esikhona futhi, umJuda emi lapha. Khona-ke kuyoba kuhle ukubona uMesiya.

206 Uyazi ngokuba ngumJuda, lowoMesiya wayezoba ngumProfethi uMose akhuluma ngaye, Wayezovuswa. Ngabe kunjalo, dadewethu ongumJuda na? Khona-ke ngineqiniso ubungeke ulenze iphutha abapristi basethempelini abalenza ezinsukwini zasekuqaleni, ukuLenqaba, ubuyokholwa ukuthi Kuyoba nguMesiya.

207 Lena yinkundla yeBhayibheli, ngalesisikhathi nje, bangane, owesifazane ongumJuda, ofundiswe ukukholwa ukuthi uMesiya uyoba ngumProfethi. Manje, lokho...Angisuye uMesiya, NguMoya waKhe, uMoya oNgcwele, yilokho Oyikho. Niyabo? Sigcotshwe nje ngoMoya waKhe. UnguMvini, ngingelinye nje lamagatsha aKhe.

Wena usesimweni esibi impela, uhlushwa ithumba. Kunjalo.

208 Manje, ngilokhu ngikuzwa lokho kuvela *ngapha*, kuthi, "Yena uyakuqagela lokho." Angikuqageli lokho. Manje, khumbulani, anikwazi ukufihla imicabango yenu manje. Niyabo? Lapha, yena ungumJuda. Umzuzwana nje.

209 Angazi ukuthi Uthe yini ebingalungile ngawe. Ngi... Niyabo, kufana nokuthi ngiyahamba, kukwelinye izinga nje, elinye izwe. Yebo, yi—yithumba, futhi yithumba lendlala yegilo. Kunjalo, akunjalo na? Futhi uhlushwa ukwethuka. Yiqiniso. Futhi khona-ke uno, omunye omkhulekelayo, lowo ngumntwana. Futhi ngempela, ukwethuka ngokwedlulele, futhi yi—yi IQ yakho, u—ukufunda akukahle kakhulu, ukhulekela lokho. Yiqiniso lelo. Ukhulekela udade futhi, ohlushwa kakhulu kakhulu, ukwethuka. Nkk. Lick, igama lakho, ungabuya, usunaso isicelo sakho manje, iGama likaJesu. Wena uyakholwa ukuthi Yena unguMesiya manje na? Amen. UNkulunkulu akubusise.

210 Kuthiwani ngawe ezethamelini na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Yena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu. Hloniphani ngokuzithoba ngempela. Niyaqonda ukuthi Ubani lowoMuntu ophakathi kwethu manje na? "Banumzane, sithanda ukubona uJesu."

211 Awu manje, awuzukuwubona umzimba waKhe wenyama kuze kube ngukuFika kwaKhe kwesiBili. Futhi Akasoze eza emhlabeni ekuFikeni kwaKhe kwesiBili, siyohlwithelwa emoyeni ukuhlangana naYe emoyeni. SiyoMhlangabeza emoyeni. Ngabe kunjalo, bafowethu na? Sihlangana naYe emoyeni. Kodwa uMoya waKhe...

212 Niyabona ukuthi iBandla livele kanjani kuMartin Luther, ukulungisiswa, uWesley, ukungcweliswa, IPentecostal, NguMoya oNgcwele, njengokuvala phezulu isivivane na? Manje, ULilolongela phansi. Niyakhumbula, ikhanda lesivivane kwingemuva ledola lethu laseMelika, UPhawu oluKhulu, lwalungekho. Uyitshe eliyiNhloko, oLahliweyo, ngakho nje KuLenza lisondele kakhulu Lifanele lenele phakathi ngqo. Kuzofanele kube yinkonzo yaKhe iziveza futhi eBandleni laKhe, ukwenzela uHlwitho. Ngani, sikhona lapha, bangane.

Uyakholwa ukuthi izinyawo zakho nemilenze kuzolunga na? Kulungile, Mnumzane. Ungaba nakho-ke. Amen.

213 Ngiyisihambi kuwe, angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uma iNkosi uJesu izongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, futhi ngithunywe nje njengenceku yaKhe na? Nga—ngayo yonke inhliziyo yakho.

214 Bangaki ezethamelini abazokukholwa na? Angikaze ngiyibone lendoda empilweni yami. Si—siyizihambi omunye komunye. Ngabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho nje, ukuze sizobona ukuthi siyizihambi ngokuphelele.

Manje, uma Ezokwenza lokhu, uma ngesinye isikhathi abantu baseSamariya bakubona kwenziwa futhi weneliseka unomphela, impela besinganeliseka.

215 Lendoda ibe nenqwaba yenkathazo, iphumile esibhedlela, inkathazo yendlala yesinye, ukuhlinzwa. Ufanele ubuyele emuva futhi, futhi lokho kungokwe—isimo somongozima. Kunjalo. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

216 Baba waseZulwini, yipha ukuthi izibusiso zaKho ziphumule phezu kwalomfowethu omncane, ukuthi uzosindiswa ukuze aphilele inkazimulo yaKho. Ngicela eGameni likaJesu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, Mfowethu oMncane. Hamba, ukholwa manje, kuzophela kuwe. Amen. UNkulunkulu abe nawe, Mfowethu.

217 Uyakholwa manje ngayo yonke inhliziyo yakho na? Bangaki okholwayo manje ngenhliziyo yenu yonke na? Bangaki abazokwemukela manje ngenhliziyo yenu yonke na? Mkholweni.

218 Kulungile, ubungadingekile ukuba uze phezulu le. Ukuba-ke bengikutshelile, ngaphandle kokusho nelilodwa izwi kuwe, ukuthi inkathazo yakho isiphelile, ubungakukholwa na? Ubungasinda na? Inkathazo yeqolo ibiyolunga, nesimo senhliziyo, yonke into, ubuyoqhubeka nje futhi uphile na? Buyela emuva ngqo, manje, esihlalweni sakho-ke futhi nje ukwemukele, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

219 Manje, kuthiwani ngawe na? Uma ungenyukanga ngezitebhisi, nenekazi elincane lapho, lapha, ukuba-ke bengikutshele ukuthi uyokwazi ukudla ukudla kwakho futhi, leyonkathazo yesisu isikushiyile, ubungakukholwa na? Uma ubungakukholwa, phakamisa isandla sakho. Khona-ke hamba udle, uJesu Kristu uyakusindisa.

Inkathazo yezinso, inkathazo yeqolo, kanjalonjalo, sekuvele kukushiyile, ungaya ekhaya manje futhi uphiliswe. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

220 Buka lapha, Mnumzane. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uyakholwa ukuthi ukukhwehlela okudala kwesifuba somoya kuzokushiya futhi angeke usaba nakho na? Uyakholwa na? Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke buyela emuva futhi ukukholwe, futhi kuzoba ngaleyondlela nje.

Yiba nokukholwa nje, ungangabazi. Uma umkholwa uNkulunkulu, uNkulunkulu uzokupha khona, uma u—uma uzokukholwa.

221 Ukuba-ke ngikutshele nje umi lapho, ungashongo neyodwa into, ngakutshela nje ukuba uhambe uye esihlalweni sakho, ubuyophila, ubungakukholwa na? Hamba esihlalweni sakho futhi uphile, yilokho kuphela.

Ngifuna nje ukubona ukuthi nina nonke, ngibone ukuthi ninakho yini lokho kukholwa okungako ukuba nikholwe.

Ubungakholwa yinto efanayo na? Qhubeka uhambe, uthi, "INkosi ibusise."

222 Manje, ubungacabangani uma ngikutshelile na? Wena uthi, "Bengingaqoka, Mfowethu Branham, ubungangitshela ukuthi yini engalungile, ngoba ngikhathazekile kancane." Bekungenjalo na? Angifundi umqondo wakho, kodwa ubungeke ufihle imicabango yakho ngalesisikhathi. Kulungile. Inkathazo yakho yabesifazane, inkathazo yamanenekazi, izokushiya, ukuze u—ungabuyela esihlalweni sakho. Hamba nje naye Mfowethu, futhi uphile. UJesu Kristu, uyakuphilisa.

Niyakholwa ngezinhliziyo zenu zonke na? Kuthiwani-ke phandle ezethamelini na? Hloniphani ngokuzithoba ngempela.

223 Lelinenekazi elihlezi emuva le lapha ekugcineni, lingibuka phandle lapha ekugcineni, nenkathazo ngamadolo akho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, Nenekazi na? Uhlobo lwenenekazi eliqatha, angikwazi, angikaze ngikubone empilweni yami, kodwa unenkathazo ngamadolo akho. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho.

224 Uthinteni na? Buza ukuthi uthinteni. Uthinte umPristi oMkhulu, uJesu Kristu, onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Uyakukholwa lokho ngenhliziyo yakho yonke na?

225 Lelinenekazi elihlezi khona lapha, liphethwe yisifo samathambo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, Nenekazi na? Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke ukuthi Uzokuphulukisa na? Phakamisa isandla sakho uma ukukholwa. Kulungile. Uthinteni wena na? Awuzange ungithinte, uqhele ngamafidi angamashumi amabili ukusuka kimi, wena uthinte umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho futhi kuzosuka kuwe.

Omunye umuntu phakathi lapha okholwayo na?

226 Lapha, nakhu . . . Wena ophakamise isandla sakho, uyakholwa na? Uyakholwa emuva lapho, lelonenekazi, uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ukugula kwemizwa kuzokushiya. Unokugula kwemizwa. Kunjalo. Unesifo samathambo futhi, unezifo ezelakanyanayo. Ngabe kunjalo na? Uma siyizihambi, vayizelisa isandla sakho *kanjalo*. Uthinte bani na? Awuzange ungithinte, uthinte umPristi oMkhulu. Manje, ukugula kwakho kwemizwa sekuhambile, ungaya ekhaya futhi uphile, eGameni likaJesu Kristu.

227 Bangaki kini abakholwayo ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, uvukile kwabafileyo, nesidingakalo esisicelayo, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu," sibona uMoya waKhe usebenza phakathi kwabantu baKhe na? Phakamisani izandla zenu.

228 Manje, ngizonicela ukuba nenze okuthize. Bangaki abakholwayo abalapha na? Bonke abaphakamise izandla zabo bangabakholwayo. Manje, ningangenzela okuthize na? Beka izandla zakho phezu komunye umuntu ohlezi eceleni kwakho. Ungabeka nje isandla sakho phezu kwabo na? Bukani ukuthi

Wenzeni kulobubusuku, bukani nje ukuthi Wenzeni. Manje, ngifuna ngamunye wenu nikhothamise ikhanda lenu. Ngizosho umkhuleko nje, ngifuna niwusho emva kwami.

229 Nkulunkulu uSomandla, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuphakade, Mnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, manje ngivuma ukukholwa kwami kuWe, ukukholwa kwami eNdodaneni yaKho, uJesu, nakuwo onke amaZwi aKhe. Wasiyala ukuba siye ezweni lonke futhi sishumayele iVangeli, Wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Ngiyikholwa, ngikhulekela lomuntu, engibeke izandla zami phezu kwakhe, bayangikhulekela. Ngiyabakholelwa, bayangikholelwa, ndawonye, sikholwa ukuthi siphilisiwe, ngoba silandela umyalo waKho. EGameni likaJesu. Amen.

230 Manje, gcinani amakhanda enu ekhotheme, gcinani ikhanda lenu, hlalani nivalelwe noNkulunkulu. Senikwenzile ukuvuma kwenu. Yena impela uKristu owavuka ngo—ngosuku lokugcina, wenyuka ekuseni ngePhasika, ukhona lapha phakathi kwenu, nizo, khumbulani nje, ISHO KANJE INKOSI, awusoze kunoma yimuphi, o, ngaphezulu, unyaka webandla labeZizwe, uke ubone noma yisiphi isibonakaliso ukuphumelela lokhu, uhambe kakhudlwana. Lesi yisibonakaliso sokugcina eBandleni.

231 Zivalele phakathi noNkulunkulu manje. Kholwa. Kholwa nje ukuthi Uthululela ukulunga kwaKhe koMoya waKhe emzimbeni wakho, futhi uyaphulukiswa, ngoba lelokholwa libeke izandla zalo phezu kwakho, futhi uzwa isibusiso saKhe.

232 Manje, nisakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu, manje, ngizonikhulekela, futhi noma ubani onesandla sakho . . . izandla zabo phezu kwakho, umelele izandla zami, izandla zami simelele izandla zikaNkulunkulu. Manje, ngamunye wenu qalani nje ukukholwa manje ukuthi niyaMbona enyukela ngqo esihlalweni senu futhi ethi, "Mntwana waMi, sekuphelile."

233 Baba wethu waseZulwini, e—ebungcweleni balomzuzwana, lapho izinqumo kufanele zenziwe lapho abantu bezophila noma bafe, lamaKristu enze ukuvuma kwawo ngenxa yoBukhona baKho, nokuthi umBhalo usitshela ukuthi sisesikhathini sokuphela, futhi banezandla zabo zibekwe phezu komunye nomunye, okuyiZwi laKho lithuma iBandla laKho. "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze lehluleka."

234 Ngakho-ke, Sathane, uyisidalwa esehluliwe, awunamalungelo angokomthetho kwasekuqaleni nje ukuhlupha lababantu, ungumkhohlisi futhi sibiza lokho kukhohlisa. UJesu Kristu wakwehlula ekufeni nasekuvukeni kwaKhe, IGazi laKhe lakhokha lonke inani lesono owanxenxa umndeni wesintu kulo, futhi manje, singamadodana namadodakazi futhi, noMoya waKhe ogcotshiwe ukhuluma nathi kulokhu ukuhlwa, njengoba

Enza ku-Adamu ekupholeni kwakusihlwa, ngakho-ke, angeke usawababamba lamaKristu.

235 Ngiyakuyala, ngoNkulunkulu ophilayo, ukuthi usuke kulababantu abagulayo, phuma kubo ukuze bakwazi ukusuka kulesisakhiwo kulobubusuku bakhululeke ekuguleni, ngokukholwa okubusa kakhulu, kuzokukhipha emicabangweni yabo namazinga.

236 EGameni likaJesu Kristu, ngiyala uSathane ukuba asuke kulababantu, lezizifo esimweni sesifo, okungudeveli, ukusuka kulababantu, ngeGama likaJesu Kristu.

237 Sisakhothamise amakhanda ethu, ngingathanda ukubuza ukuthi ngabe ukhona yini okhona ongamazi uJesu njengoMsindisi wakho futhi ongathanda ukuma ngezinyawo zakho bese uthi, "NgiseseBukhoneni baKhe, ngifuna ukuvuma izono zami futhi ngithi benginephutha"?

238 Ungahle ube yilunga lebandla, kodwa ubungongakholwayo, futhi awu…awukakholwa kuze kube manje, futhi manje ufuna ukukholwa kuYe, futhi ufuna ukusukuma ukuba—ukuba ufakaze. Ungasukuma ume ngezinyawo zakho bese uthi, "Ngizomemukela uJesu njengoMsindisi wami"?

239 Angaba khona yini phakathi kwethu oyovumela loMoya okhazimulayo weNdodana kaNkulunkulu…? Futhi khumbulani, ngaphambi kokuba usuku luse ekuseni, ungahle ube seBukhoneni baKhe ngqo, yena impela Lowo ohambayo kulesisakhiwo kulobubusuku, ukulandisa ngalokho enizokwenza ngaYe. Ngabe lowomuntu ulapha ongakaze amemukele uKristu futhi ongafuna ukuMemukela na?

240 Ngabe lowomuntu ulapha obengumhlubuki futhi obengathanda ukubuyela kuKristu kulobubusuku, ngenkathi useseBukhoneni baKhe obukhulu na? Yima ngezinyawo zakho. Ngabe ukhona oyedwa lapha oyilunga lebandla futhi ongazi ukuthi kusho ukuthini ukuzalwa ngokusha, uku—ukukhuluma ubuso nobuso noNkulunkulu futhi ujabulele inhlanganyelo kaMoya oNgcwele, futhi ubunga…ubungathanda ukuMemukela na? Ungama ngezinyawo zakho na?

241 Uma kungenjalo, manje-ke bangaki lapha abazokwemukela ukuphulukiswa kwenu, nizoma ngezinyawo zenu na? UNkulunkulu anibusise. UNkulunkulu anibusise. Kunjalo. Nxazonke. Kuyamangalisa lokho. Lokho kuhle. Yemukelani ukuphulukiswa kwakho. Yimani ngezinyawo zenu nje umzuzwana, yibani nilokhu nimile nje. Yimani ngezinyawo zenu, wonke umuntu ofuna ukwamukela ukuphulukiswa kwenu.

242 Niyabo, Uyakubuka, Ubuka wena ngqo, Ulapha. Khumbulani, ngisho lokhu eGameni leNkosi, ngomyalo enganikwa wona yiNgelosi ethunywe ivela kuNkulunkulu.

243 Njengoba nonke nibonile, ukuKhanya, i-United States enelungelo lobunikazi eWashington DC, kulenga eHholo lezeNkolo lo—lomlando wezenkolo, eWashington DC, uBukhona obungaphezu kwemvelo kuphela okwake wathwetshulwa kulo lonke izwe; bulenga emahholo aseJalimane lapho bakuthatha khona.

244 USHO KANJE LOWO MOYA: Ulapha manje ukuphulukisa nokusindisa noma ngubani oyokholwa nguYe.

245 Khumbulani . . . INkosi inibusise. Ngiyabonga ngokuma. Manje, ngabe zonke izethameli nizoma ngezinyawo zenu na? Nina eniphilile futhi ningama ngezinyawo zenu. Ngiyabonga ngokuhlwa kwenu okuhle nokubambisana okuhle. Ungangena ocingweni kusasa ndawondawo phandle edolobheni, futhi uthole abagulayo nabahluphekile, ukuthi uJesu angabaphulukisa ngenkathi sisenalomhlangano omncane na? UNkulunkulu anibusise njalonjalo.

246 NiyaMthanda na? Phakamisani izandla zenu *kanje*. Ungasinika indlela, Dadewethu na? "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda." Bangaki olaziyo iculo na? Ngelinye lezintandokazi zami. Kulungile. Uma uthanda:

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

Asikhothamise amakhanda ethu manje, sisalihamisha.

> Ng'yaMthanda . . .

Ngininika umelusi wenu.

> Ngi . . .

Size sibonane, kusasa ekuseni.

UNkulunkulu akubusise, Melusi.

